


GLOBAL YOUTH CULTURE

Umbiko we-Afrika



Okugukethwe

3 ISINGENISO

- 5 INDLELA OKUCATSHANGWA NGAYO NGEZENKOLO
 - 21 NOKUZIPHATHA
 - 31 IMITHELELA KANYE NAMAZWI AYIMIHLAHLANDLELA
 - 43 ENGIHLANGABEZANE NAKHO KANYE NEMIZABALAZO
 - 52 UKUXHUMEKA KWEZOBUDIJITHALI KANYE NOMTHELELA
 - 63 UKUCABANGA NGEKUSASA
-

- 67 MAYELANA NE-ONEHOPE
- 67 INDLELA
- 68 IZINCAZELO

ISINGENISO

Isizukulwane esisha ngasinye sihluke ngendlela yaso, futhi ucwaningo lungasisiza siqonde ukuthi umhlaba ubukeka kanjani ngamehlo ahlukenene. Isizukulwane samanje somhlaba sentsha kanye nesabantu abadala abasebancane ngokweminyaka ngezinye izikhathi kubizwa ngokuthi yisiZukulwane Z. E-Afrika yonkana, kunentsha eyizigidi eziwu48 yesiZukulwane Z eneminyaka esukela ku13 kuya kwewu19 ehlanganisa cishe u15% wabantu sebebonke.¹

Lolu cwaningo luveza imikhuba, imizabalazo, izinkolelo kanye nemithelela yentsha eAfrika yonkana, ikakhulukazi kulawa mazwe okuyiKenya, iNigeria neNingizimu Afrika. Lukhombisa nemibono yentsha ngoNkulunkulu, ngoJesu, ngeBhayibheli kanye nesonto. Le datha iyingxenywe yocwaningo olukhulu lomhlaba wonke olwenze inhlolovo ngentsha emazweni awu20. Sikholelwa ukuthi lolu cwaningo yilo olunabile kakhulu ngokohlobo lwalo mayelana nokubheka ngokujulile ukholo lwalesi sizukulwane. Izinkulungwane zamaphuzu edatha esiwaqoqile zisidwebela isithombe mayelana nokuthi lesi sizukulwane somhlaba wonke kubandakanya nemigomo yayo, imizabalazo ebhekene nayo, nalokho intsha ebheke kukhona ukuze ikwazi ukuthola izimpendulo nethemba.

¹ UPhiko Lwenani Lwabantu lwe-United Nations, Isamba Sohlu Lwamanani Abantu, <https://population.un.org/wpp/DataQuery/> Accessed Agasti 2020.



**Amazwe
awu 20**



**Intsha ewu
8,394
emhlabeni
jikelele**



**Iminyaka
yobudala
ephakathi kuka
13 no19**



**Inhlolovo
Yezinto eziwu
70**



Afrika: Kenya, Nigeria, Ningizimu Afrika (1,275 intsha ephendule inhlolovo)

Asia: China, India, Indonesia, Japan, Vietnam (2,100 intsha ephendule inhlolovo)

Eurasia: Egypt, The Netherlands, Portugal, Romania, Russia, Spain, The United Kingdom (2,936 intsha ephendule inhlolovo)

Latin Imelika: Argentina, Brazil, Colombia, Mexico (1,673 intsha ephendule inhlolovo)

North America: United States (410 intsha ephendule inhlolovo)

MAYELANA NEDATHA YE-AFRIKA

Nakuba lawa mazwe amathathu ase-Afrika eyingxenye yezwekazi elilodwa, kodwa ahluke kakhulu futhi anomlando wawo, amasiko, izinkolelo, kanye nemibono yawo okuyikho okwakhe isizukulwane sawo samanje. Intsha yezwe ngalinye ihlukile ngokusobala kanti lolu cwaningo luggamisa umehluko phakathi kwayo.


Siyethemba ukuthi awugcini nje ngokufunda okuthile okusha, kodwa sethemba nokuthi ingqondo nenhliziyo kukwenza ukuthi uthathe isinyathelo esithile egameni lalesi sizukulwane esidinga ithemba leVangeli ezimpilweni zaso. Zonke izibalo kulolu cwaningo zimele intsha eningi ngayinye enohlu lwayo lwamathemba, ukwesaba, kanye nezinsalelo zansuku zonke. Intsha ngayinye inegama, nendaba yayo, nesiphetho saphakade. I-OneHope izinikele ekuthinteni lezo ziphetho ngokufinyelela kuwo wonke umuntu omusha kuwo wonke amazwe ngeZwi likaNkulunkulu.

E-AFRIKA: iwu 1275 Intsha -¹ ephendule inhlobo kwi inthanethi

KENYA: 435 intsha ephendule inhlobo

ENIGERIA: 420 intsha ephendule inhlobo

ENINGIZIMU AFRIKA: 420 intsha ephendule inhlobo



¹ Njengoba inhlobo isatshalaliswe ngedijithali, ukuxhumeka ku-inthanethi kwakuyimfuneko yababambiqhaza kulolu cwaningo. Ngakho-ke, le datha akufanele ithathwe njengemelela yonke intsha yaseAfrika kodwa iphathelele kuphela nalabo abakwaziyo ukungena Ku-inthanethi.

EZENKOLO INDLELA OKUCAT- SHANGWA NGAYO KANYE NOKUZIPHATHA

UMBIKO WE-AFRIKA

Esikutholile

u-78% wentsha engum-Afrika **ungamaKrestu** — okuyisibalo esiphakeme kunazo zonke ocwaningweni lwethu lomhlaba jikelele.



u-28% kwatholakala ukuthi yintsha **Ezibophezele Ekubeni NgamaKholwa.**

Bheka incazelo ekhasini lesi-8.



u-82% wamaKholwa entsha uthi **ukwethamela kwawo** inqubo yezimfundiso zokholo **kube neqhaza elibalulekile ekukhuleni kwayo ngokomoya.**



Intsha engamaKholwa engaphansi kwesigamu (engu-45%) **lfunda iBhayibheli okungenani masonto onke.**

Intsha engasonti ithi ivulelekile ukuya esontweni uma ingamenywa, **ocwaningweni lwethu amazwe ase-Afrika**



aphakathi kwalawo mazwe ahamba phambili ekukhombiseni lolu hlobo lokuvuleleka.



Intsha ithi **lokho ehlangabezana nakho** njengokuphendulwa komthandazo kungenza ukuba **ishintshe ingqondo yayo** mayelana nenkolo.




Ababili kwabathathu abasha base-Afrika banombono ongokomBhalo ngoNkulunkulu, uJesu, kanye neBhayibheli. **Kodwa Ingxenye yentsha** (ewu-49%) e-Afrika **nayo ithi zonke izinkolo zifundisa amaqiniso akhona alinganayo.**

Indlela Okucatshangwa Ngayo Ngezenkolo

Lolu cwaningo lungendlela ehluke ngokuphelele ekuhloleni indima edlalwa ukholo nezenkolo empilweni yentsha e-Afrika. Yini intsha eyikholwayo? Bazisebenzisa kanjani izinkolelo zabo? Yini engashintsha umqondo wayo? Besazi ukuthi sifuna ukuhlola indlela intsha yanamuhlanje ecabanga ngayo ngezenkolo kanye nokuziphatha kwayo kanye nomthelela walokhu kwezinye izingxenye zempilo yayo.

UKUZAZI NGOKWENKOLO



Cishe abawu 8 kwabawu 10 abasha base Afrika (78%)

bazichaza njengamaKrestu. Oyedwa kwabayishumi wayeyiSulumane; bese kuthi intsha esele yona izibandakanya nezenkolo ehlukile noma ayizibandakanyi nezenkolo.

I-Afrika kwaba yisona sifunda esinamaKrestu amaningi ocwaningweni lwethu, lapho iKenya inamaKrestu amaningi ukudlula amazwe awu 20 aphenhule inhlobo. I-Nigeria isendaweni yesibili phezulu ohlwini emhlabeni jikelele kanti iNingizimu Afrika yona isendaweni yesine phezulu ohlwini.

I-AFRIKA
YAYIYISIFUNDA
ESIHAMBA
PHAMBILI
NGOBUKRESTU
OCWANINGWENI
LWETHU

Bangaphezu **kuka 4 kwabawu 5** abasha abangamaKrestu (82%) abathi bazinikele kuJesu Krestu, kanti iningi lababika ngalokhu babeneminyaka ewu 13 yobudala.

Kepha kusho ukuthini ngempela ukuba umKrestu? Sabheka izinkolelo eziyingqikithi kanye nemigomo yangokomoya ebalulekile okwakuzoveza ukuthi umuntu osemusha ungumKrestu ozinikele.

↑↓ ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

¹ Kubandakanya abaphenduli abazihlonza “njengabakwenye inkolo” noma “okungekho nkolo abangaphansi kwayo”

IZIMPAWU EZIWU 6 ZENTSHA ENGAMAKRESTU AZINIKELE




** Yazi ukuthi le ntsha ezibiza ngokuthi ingamaKholwa, kodwa ayibona oFakazi bakaJehova noma amaMormon. AmaKristu azinikele angaba amaKatholika, ama-Seventh Day Adventist, ama-Orthodox, noma azinikele kwezinye izinhlobo eziningana zamasondo.*

Emhlabeni jikelele, u 7% kuphela wentsha engamaKholwa Azinikele eyaphendula inhlobo. E-Afrika, nokho, sathola ukuthi **u 28% wentsha yayingamaKrestu Azinikele**. I-Nigeria, iKenya, kanye neNingizimu Afrika **ngamazwe awu 3 aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele** anentsha engamaKrestu Azinikele amaningi.

AMAKRESTU AZINIKELE NGOKWEZWE

ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20




Noma yimuphi umuntu ongumKrestu osemusha ongazange ahlangebazane nesimiso esisodwa noma ngaphezulu esikhombisa ukuthi ungumKrestu ozinikele wathathwa “njengomKrestu Osontayo” kulolu cwaningo. Kubantu abasha abangamaKrestu base Afrika abaphendula inhlobo, cishe oyi 1 kwabawu 3 wayengumKrestu Ozinikele kanti abawu 2 kwabawu 3 babengamaKrestu Asontayo.

AmaKrestu Azinikele: oyi 1 kwabawu 3 (36%)

AmaKrestu Azinikele: awu 2 kwabawu 3 (64%)

Ezinikele Okholweni lwawo


Ahluke ngani amaKrestu Azinikele kumaKrestu Asontayo? Womabili lamaqembu asagcizelela ukuthi ukholo lwawo lubalulekile kuwo. Kodwa izinto eziza kuqala kuwo ziyahluka mayelana nezinkolelo ezithile ezibalulekile kanye nokuziphatha njengokuya esontweni, ukufunda iBhayibheli nokuhlanganyela ekuxoxeni ngokholo lwawo.



U 14% KUPHELA WAMAKRESTU ASONTAYO
ATHI AFUNDA IBHAYIBHELI LAWU
OKUNGENANI MASONTO ONKE.


Imikhuba Yezenkolo

Intsha yase Afrika ibe namathuba amaningi kunentsha emhlabeni wonke okuthi izibandakanye ezingxoxweni mayelana nemikhuba yezenkolo okuhlanganisa ukuhlangukano nomphakathi wokholo, ukufunda umbhalo ongqwele, ukuthandaza, nokuba nezingxoxo zangokomoya. Sekukonke, yintsha yaseNigeria ezibandakanye kakhulu ekwenzeni lezi zinto njalo, kodwa iKenya nayo ibihlezi ikleliswa emazweni awu 4 aphezulu emhlabeni jikelele ekwenzeni lezi zinto. Lalilincane ithuba lokuthi intsha yaseNingizimu Afrika iziphathe ngezindlela zobukholwa uma kuqhathaniswa nentsha yase Afrika, ngaphandle kokubamba izingxoxo ezingokomoya—njengoba ibingelinye lamazwe awu 3 aphambili emhlabeni jikelele.



Imigomo Engokomoya Ngokwezenkolo

Ukuzibandakanya mayelana nemigomo yangokomoya yindlela esikhulisa ngayo ukhoho lwethu. Okwakukhuthaza kwaba ukuthi intsha engamaKrestu e Afrika yabika ukuthi iyathandaza futhi iya njalo esontweni. Nokho, **abangaphansi kwesigamu bafunda amaBhayibheli abo okungenani masonto onke**. Intsha yamaSulumane e-Afrika yona yenza ngokwehlukile kulokhu ngoba ibonakala ihamba ngomgomo wokufunda imibhalo yezenkolo yayo futhi izinikele njengamaKrestu ekuthandazeni nasekuhambeleni izinkonzo zezenkolo. Intsha yezinye izinkolelo ithe ngezinye izikhathi nayo iyahlanganyela ekwenzeni lezi zinto zezenkolo.




Intsha Kanye Nesonto

Umphakathi wesonto ungadlala indima eyakhayo empilweni yomuntu omusha futhi uqhubeke nokuba nokubeseka abantu abasha iphinde ibakhuthaze njengoba besakhula. Kungani iningi lentsha lingekho esontweni? Kungenzeka ukuthi badinga ukuba bamenywe. Iningi lentsha elingayi esontweni lithi lingaya uma kungaba khona umuntu olimemayo. **Amazwe ase-Afrika aphakathi kwamazwe awu 4 aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele akhombisa ukuthi angaya uma kungenzeka amenywe.**

ININGI LENTSHA
ENGAYI
ESONTWENI
LITHI LINGAYA
UMA KUNGABA
KHONA UMUNTU
OLIMEMAYO.

UKUVULELEKA UKUYA ESONTWENI




Ubufakazi bebandla kanye nabantu abakulo bunamandla emhlabeni obukayo. Ucwangingo lwethu lukhombisa ukuthi iningi lentsha yase-Afrika inombono omuhle ngamaKrestu. **Intsha ewu 7 kwewu 10 ithi amaKrestu ewaziyo anomusa futhi akhathalela abantu.**

Abahlangabezana Nakho Esontweni

Besifuna ukwazi ngomthelela inkonzo yezingane nentsha enawo empilweni yentsha. **Iningi lentsha engamaKrestu e-Afrika ibika ukuthi laliya enkonzweni yesonto yezingane.** Abantu abasha abawu 4 kwabawu 5 (82%) ithe lokhu kwadlala indima ebalulekile ekukhuleni kwayo ngokomoya.

UKWETHAMELA IZINKONZO ZEZINGANE


Ngangiya enkonzweni yezingane



Umthelela wenkonzo yezingane awufani ngokwamazwe. Ngaphezu kwalokho, ayemaningi amathuba okuthi amaKrestu Azinikele abike ukuthi inkonzo yezingane yadlala indima ebalulekile ekukhuleni kwawo ngokomoya uma kuqhathaniswa namaKrestu Asontayo.

UMTHELELA WENKOZO YEZINGANE

Inkonzo yezingane yesonto yadlala indima ebalulekile ekukhuleni kwami ngokomoya




UKUPHENDULA KWENTSHA EN- GAMAKRESTU

UMKRESTU OSONTAYO

UMKRESTU OZINIKELE




Izimfundiso zezenkolo
zesonto lezingane zadlala
indima ebalulekile
ekukhuleni kwami
ngokomoya



Uma kukhulunywa ngezimfundiso zezenkolo zentsha, sicele intsha ukuthi ibike uma ibandla layo linomholi ozinikele wabantu abasha abalingana nayo. I-Nigeria ibe yizwe elihamba phambili ocwaningweni lwethu emhlabeni jikelele ukubika ukuthi amasonto ayo anabaholi abasebasha, kanti neKenya nayo yayiphezulu ohlwini mayelana nalokhu.

INKONZO YENTSHA

Isonto lami linomfundisi wabasha



ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

Intsha eningi engamaKrestu Azinikele yabika ukuthi inomfundisi osemusha noma umeluleki ongumuntu omdala esontweni labo. Bambalwa abangamaKrestu Asontayo abathi banalezi zinhlobo zabaholi bangokomoya empilweni yabo.

INTSHA ENGABALANDELI BAKAJESU

UMKRESTU OSONTAYO

UMKRESTU OZINIKELE



Isonto lami linomfundisi
wabasha/wentsha



Nginomeluleki ongumuntu
omdala ebandleni ongisiza
ekukhuleni kwami emoyeni



Ngebhadi, nakuba iningi lentsha engamaKrestu ithi ibandla layo linomfundisi osemusha, **ingxenye yale ntsha (45%) ithi ikhuluma ngezinkinga zempilo noma ngalezo zinto eziyikhathazayo nabaholi bebandla layo.** Kungenzeka ukuthi kukhona lapho abathola khona izeluleko eziqotho, njengoba iningi (64%) lithi kunomuntu omdala ebandleni obelulekayo. Kubalulekile ukuba abantu abasha babe nomeluleki ohlakaniphile empilweni yabo, okungaba abantu asebeneminyaka eminingi behamba noJesu futhi abangaxoxa nabo mayelana nokukhula kokholo lwabo.

Imibono Yangokomoya

Ngisho nangaphandle kwamaKrestu noma kwentsha yezenkolo, intsha yase Afrika ngokuvamile ithi ingokomoya libaluleke kakhulu kuyo. **Cishe abantu abasha abawu 9 kwabawu 10 bathi izinkolelo zabo zokholo noma uhambo lwangokomoya luyingxenye ebalulekile lokuzazi kwabo.** I-Nigeria ibe yizwe elihamba phambili emhlabeni jikelele ukusho lokhu, kanti iKenya nayo ibaliwe ohlwini lwamazwe awu 5 aphezulu.

UKUBALULEKA KWENGOKOMOYA NGOKWEZWE



Izinkolelo zami zokholo noma uhambo olungokomoya luyingxenye ebalulekile yobuntu bami



AmaSulumane namaKrestu acishe asho ngazwi linye ukuthi ukholo lwabo luyingxenye ebalulekile yokuzazi kwabo, kepha sincane kakhulu isibalo sentsha yakwezinye izinkolo.

UKUBALULEKA KWENGOKOMOYA NGOKWEZENKOLO



Iningi lentsha yase Afrika nalo linombono ngokomBhalo ngoNkulunkulu, ngoJesu, kanye nangeBhayibheli. **Abantu abasha ababili kwabathathu bayavuma ukuthi uNkulunkulu ukhona futhi bangaba nobudlelwane Naye siqu, nokuthi uJesu uyiNdodana ka Nkulunkulu, kanye nokuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu.** Lokhu kubonakala kuwumbono ohambisana nobuqotho bengqondo, njengoba intsha esencane ingakabambeleli kuyo yonke le mibono emithathu uma iqhathaniswa nentsha endala.

U 66% WENTSHA YASE AFRIKA UNOMBONO NGOKWEMIBHALO NGONKULUNKULU, NGOJESU, KANYE NANGEBHAYIBHELI.

IMIBONO YANGOKWEMIBHALO YEZENKOLO NGOKWEMINYAKA

Intsha enombono ovumelanayo Ngokwemibhalo ngoNkulunkulu, ngoJesu kanye nangeBhayibheli



Okujabulisayo u 16% wamaSulumane ahambisana nombono wobuKrestu ngoNkulunkulu, ngoJesu, kanye noweBhayibheli. Cishe umuntu omusha oyiSulumane oyi 1 kwabawu 6 uyavuma ukuthi uNkulunkulu ukhona nokuthi angaba nobudlelwane Naye siqu, nokuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, nokuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu. Ngaphezu kwalokho, u 65% wentsha yamaSulumane eKenya, eNigeria, naseNingizimu Afrika uthi zonke izinkolo zifundisa amaqiniso ngokulingana, futhi zikhombisa ukuvuleleka ekutholeni iqiniso kwezinye izinkolo. Leli nani likhombisa ukuthi abanye abantu abasha abangamaSulumane bakhululekile ngokomoya nokuthi bangaba nazo izizathu ezifanayo zokuxoxa Ngezindaba Ezinhle Zevangeli.


Nakuba kunjalo, kusaqhubeka ukubakhona kokudideka mayelana neqiniso ngisho naphakathi kwentsha engamaKrestu. Ingxenye yentsha e Afrika (49%) ithi zonke izinkolo zifundisa amaqiniso akhona, futhi inani elisho lokhu lisencane kakhulu phakathi kwentsha engamaKrestu.



Yini Eshintsha Umqondo Wayo

Besifuna ukuthola ukuthi yini engenza intsha ishintshe umqondo wayo ngezenkolo esuke isivele ikholelwa kuzo. Yizinto ezenzeka kuyona, njengokuphenduleka komthandazo, okwaba yimpendulo eyayihamba phambili. Lokhu kuhambisana nalokho okwenzeka emhlabeni wonke, kodwa intsha yase Afrika yakhombisa kakhulu ukuhambisana nomqondo omayelana nezinto ezenzeka kuyo ukudlula abanye esizukulwaneni sayo emhlabeni jikelele.



YINI ENGASE ISHINTSHE
UMQONDO WAKHO
NGENKOLELO YEZENKOLO?



- 1 LOKHO EHLANGABEZANA NAKHO
NJENGOKUPHENDULWA KOMTHANDAZO: 48%**
uma kuqhathaniswa no 37% emhlabeni jikelele
- 2 UCWANINGO LWAMI NGOKUSEBENZISA
I-INTHANETHI NOMA IZINCWADI: 23%**
uma kuqhathaniswa no 26% emhlabeni jikelele
- 3 IZIMFUNDISO EZIVELA KUBAHOLI BEZENKOLO: 16%**
uma kuqhathaniswa no 12% emhlabeni jikelele
- 4 INGXOXO NABAZALI BAMI: 10%**
uma kuqhathaniswa no 18% emhlabeni jikelele
- 5 INGXOXO NABANGANI BAMI: 4%**
uma kuqhathaniswa no 8% emhlabeni jikelele




IZINTO ENGIHLANGABEZANA NAZO
zingangenza ukuthi ngishintshe umqondo wami



INGXOXO NABAZALI BAM


kungenzeka kakhulu ukuthi kungiguqule umqondo wami mayelana nenkolelo ngokwezenkolo.



Intsha ephakathi kweminyaka ewu 13 newu 15 ibinethuba eliphindwe kabili kunamanye amaqembu aseqoqweni leminye iminyaka yobudala lokuthi lithi ingxoxo nabazali bayo ingaba nomthelela omkhulu kubo, kodwa noma kunjalo izinto umuntu nomuntu ahlangebezana nazo siqu zibonakala kuyizo ezinomthelela kakhulu kuyo yonke intsha eneminyaka ehlukahlukene.

IZIMFUNDISO ZABAHOLI BEZENKOLO


kungenzeka kakhulu ukuthi ziguqule umqondo wami mayelana nenkolelo ngokwezenkolo.



Intsha yaseNigeria iyona okungenzeka kakhulu ukuthi ithi izimfundiso zabaholi bezenkolo zingaba nomthelela ekuguquleni imiqondo yayo mayelana nezinkolelo zangokwenkolo. Kodwa-ke, kwakusalo khulu kungoyedwa-1 kuphela kwabawu 5 owayesho lokhu, ngokuhlanganyela nabaningana abakwamanye amazwe emhlabeni jikelele. Abafana babekholelwa ekutheni ngabaholi bezenkolo abanomthelela uma kuqhathainswa namantombazane.

IMITHELELA MAYELANA NOKHOLO

Yini engenza kakhulu ukuthi iguqule umqondo wami mayelana nenkolelo ngokwezenkolo



Sabheka nohlu lwezinto ezinomthelela kwintsha uma ziqhathaniswa nenkolo yayo ukuqonda kangcono ngalokho abanokholo oluhlukahlukene abakuthola kunomthelela. Kwakubonakala ukuthi amaSulumane yiwona angavamile ukuphuma umakuqhathaniswa nenye intsha kanye nasekubekeni phezulu ohlwini izimfundiso zabaholi bezenkolo. Amakholwa kanye nentsha enezinkolelo ezihlukile yayivumelana nokufisa mayelana nezinto ehlangabezana nazo siqu.



Isiphetho

Le mininingwane ikhombisa ukuthi intsha ikuphi ohambweni lwayo lwangokomoya futhi isisiza siqonde mayelana nokuzazi kwawo ngokwezenkolo, siqonde nemikhuba yayo, kanye nemibono yayo. Kuphinde kusikhombise indlela njengoba sifuna ukuxoxisana nalabo abangakhohla kanye nentsha engamaKrestu ezimfundiso zikaJesu ngenhloso yokuthi ibe qotho okholweni.


- **I-AFRIKA INENTSHA ENGAMAKRESTU AMANINGI KUNOMA YIMUPHI UMKHAKHA OCWANINGWENI LWETHU LOMHLABA WONKE.** Kodwa-ke, lokhu akusho ukuthi isonto kumele lizithele ngabandayo. Isonto linendima ebalulekile okufanele liyidlale ekufundiseni intsha engamaKrestu ukuba ibe nokholo oluqinile oluzibophezele. Intsha engamaKrestu idinga usizo lokuthuthukiswa ngokwezinkolelo Zangokombhalo neziyalo nezimfundiso zangokomoya okuzoyenza ukuba isuke ekubeni ngamakhohla nje asontayo kodwa ibe ngamaKrestu aqotho nazinikelayo.
- **UKUXOKA NGEMIBHALO ENGCWELE KUDINGEKA KUQINISWE EMPILWENI YABANTU ABASHA.** Intsha engamaKrestu engaphansi kwesigamu ithi ifunda iBhayibheli layo okungenani masonto onke. Ngaphezu kwalokho, imininingwane ikhombisa ukuthi intsha ingase idinge usizo olwengeziwe ukuze ithuthukise imibono engokoMbhalo ngoNkulunkulu, ngoJesu kanye nangeBhayibheli. Singasisiza kanjani lesi sizukulwane ukuba sixoxe ngoMbhalo ngendlela ephela ekhuluma ngezidingo zangempela nangezinsalelo esibhekana nazo empilweni zayo?
- **INTSHA IDINGA UKUHLONYISWA UKUZE IKWAZI UKUXOKA NGEZINTO EZINGOKOMOYA.** Bambalwa kakhulu abantu abasha abavame ukukhuluma nabanye abangakhohlelwa kuzinkolelo zabo. Ngaphezu kwalokho, kuyakhathaza ukubona ukuthi intsha eningi engamaKrestu ayikuqondi ngokuqinile ukuthi iqiniso mayelana neVangeli lingelikhethekile. Singabasiza kanjani ukuthi bawabone amathuba okuxoka ngamathemba abanawo kuKrestu kanye nokuthi bakhulume ngothando nanokuthi iqiniso leBhayibheli yilona kuphela elingasindisa?
- **INTSHA INGEZA ESONTWENI UMA IMENYIWE.** Imininingwane ikhombisa ukuthi lesi sizukulwane sinombono omuhle ngamaKrestu esiwaziyo futhi sisizimisele nokuthi singaya esontweni. Kungenzeka ukuthi instha ayikamenyelwa esontweni. Singafinyelela kanjani kuleyo engasonti nokuthi singayikhuthaza kanjani le ntsha ukuba yenze okufanayo?
- **AMABANDLA KUFANELE AQHUBEKE NGOKWAKHA NOKUQINISA IZINKONZO ZEZINGANE NENTSHA.** Intsha eningi engamaKrestu ithi ulwazi eyaluthola enkonzweni yezingane lwaba nomthelela omkhulu empilweni zayo. Kodwa iyaqhubeka nokudinga izimfundiso nokutatanyiswa kuzo zonke izigaba. Iminyaka yobudala ewu 13 iyiminyaka ebalulekile entsheni eningi ekutheni izisholo yona ukuthi inikela impilo yayo kuKrestu, okwenza inkonzo yentsha ibaluleke kakhulu ekuthuthukiseni nasekukhuliseni ukholo lwala makhohla asemasha. Singaqhubeka kanjani nokuhlomisa abaholi benkonzo yezingane nentsha abadlala indima ebalulekile empilweni zabantu abasha?
- **LESI SIZUKULWANE SIFUNA UKUZIBONELA MATHUPHA UKHOLO.** Ngale kwenkolo, intsha ithi yizinto umuntu ahlangebezana nazo ezingaba nomthelela omkhulu ekutheni ziguqule umqondo wayo mayelana nezinkolelo zezenkolo. Singasisiza kanjani ekwenzeni isimo nasekwakheni amathuba okuthi ikwazi ukuthola lolo lwazi?

IMITHELELA NAMAZWI AYIMI- HLAHLANDLELA

UMBIKO WE AFRIKA

Esikutholile

Intsha yase-Afrika ibika
**ngesifiso sokuba abantu
abahlukile** abagqamile
kulabo abaseduze kwabo,
kodwa futhi abazizwa
benesibopho esiqinile
**sokuba negalelo
kwinhlalakahle
yomphakathi wabo.**



INJONGO NGEMPILO

Intsha ibika ukuthi **umndeni
yindawo engumhlahlandlela
wayo** mayelana nezihloko ezithile
ezibaluleke kakhulu zempilo
ezifana nenjongo yokuphila
nokuthi yini elungile nengalungile.



Intsha eningi ibika
**izinto ezinhle
mayelana
nemindeni** futhi ithi
ikhuluma nabazali
bayo ngezinkinga
ezibalulekile
empilweni yayo.



**Uma intsha ingezwani
kahle nomndeni wayo,**
ayivamile ukuya
kubazali bayo uma
ifuna iseluleko **kodwa
iya kubangani bayo
nontanga bayo noma
isebenzise kakhulu
izinkundla
zokuxhumana.**



Intsha engaphezulu **kuka 4
kwabangu 5**
lithi **inabangani abasondelene
nayo** abayazi kahle.



**AmaKrestu azinikele
avame ngokuphindwe
kabili ukuba aye
kubefundisi bawo noma
afune umhlahlandlela
eBhayibhelini uma
kuqhathaniswa
NamaKrestu
Angazinikele.**




Ukuzazi kanye Nompakathi

Besifuna ukwazi ukuthi intsha ithini mayelana nokuzazi kwayo, umphakathi, kanye nabangani nobudlelwano bayo nomndeni wayo. Intsha e-Afrika iyazazisa kakhulu. Amazwe ase Afrika **ebengamazwe awu 3 aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele** lapho intsha ithi khona kubalulekile ukuba umuntu ohlukile futhi ugqame kulabo obaphila nabo. Bangaphezu kuka-**9 kwabawu 10** abantu abasha abakhuluma kanje uma kuqhathaniswa nabawu 3 kwabawu 4 emhlabeni jikelele.

UKUZAZI NGOKWEZWE



Kubalulekile kimina ukuba umuntu ohlukile futhi ngigqame kulabo abaseduze kwami




Nakuba kunjalo, isifiso salesi sizukulwane sokuzazisa kumele sihambisane nokwazi umsebenzi waso nokukhombisa ubuqotho kulabo bantu esiphilisana nabo. Empeleni, njengoba nje intsha eningi ithi ifuna ukwehluka kwabanye futhi iphinde ithi kubalulekile ukubamba iqhaza kwinhlalakahle yomphakathi wayo.

UKUGXILA EMPHAKATHINI NGOKWEZWE



Ngikholelwa ekutheni kubalulekile ukuthi ngifake isandla kwinhlalakahle yomphakathi wakithi




Ubudlelwane Nabangani Nomndeneni

Okukhuthazayo ukuthi intsha yathi inobudlelwane obuqinile empilweni yayo. Intsha yaseKenya ibonakala yanelisekile kakhulu ngobudlelwane bayo uma iqhathaniswa naleyo yaseNigeria noma eyaseNingizimu Afrika.

UKWANELISEKA NGOBUNGANI



Nginabangani engisondelene nabo abangazi kahle




Uma kukhulunywa ngobudlelwane bemindeni yabo, iningi lentsha yase Afrika lithi ulwazi kanye nezinto ehlangebezane nazo zibe nomthelela omuhle. Intsha engaphezu kwesishiyagalombili kweyishumi (82%) ithi ubudlelwane nemindeni yawo bebubuhle. Emazweni ase Afrika, intsha yaseNigeria yiyona egculisekile kakhulu kanti intsha yaseNingizimu Afrika iyona egculiseke kancane mayelana nobudlelwane phakathi kwayo nemindeni yayo.

UKWANELISEKA MAYELANA NOMNDENI



Sekukonke, siyezwana emndenini wami



U-57% wentsha ubika ukuthi uhlala ekhaya elinabazali ababili.



U-36% uthi uhlala nomzali oyedwa noma namanye amalungu omndeneni.

INTSHA EWU
8 KWEWU
10 ITHI
UBUDLELWANE
NEMINDENI
YAYO
BUBEBUHLE

Intsha ehlala ekhaya elinabazali ababili ivame ukubika ubudlelwane obuhle nemindeni yayo uma kuqhathaniswa nentsha ehlala emakhaya anomzali oyedwa. Abafana bekungaba yibo ababika ngobudlelwane obuhle nemindeni yabo uma kuqhathaniswa namantombazane.




Sekukonke, siyezwana emndenini wami

IKHAYA ELINABAZALI ABABILI:



IKHAYA ELINOMZALI OYEDWA:




ABAFANA AMANTOM-BAZANE

Intsha Ithemba Umndenini

Sakwazi ukuqonda ngokusondelana kwentsha nabazali bayo ngokubabuza mayelana nokuthi ivame kangakanani ukuxoxa ngezinto ezibalulekile nabazali bayo. Cishe **intsha ewu 8 kwewu 10** e-Afrika (78%) ithi ivamile noma kuyenzeka kwezinye izikhathi ukukhuluma nabazali bayo ngezindaba ezibalulekile kakhulu kuyo, kanye nalezo ezihambisana nomhlaba. Nakuba kunjalo, intsha yaseNingizimu Afrika mancane amathuba okuba ivame ukuba nalezi zingxoxo nabazali bayo.

IZINGXOXO NABAZALI

Ngikhuluma nabazali/nabanakekeli bami mayelana nezindaba ezibalulekile kimina



Intsha isitshela ukuthi **kaningi iya emndenini kunokuba iye komunye umthombo uma ifuna umhlahlandlela** mayelana nezihloko ezibaluleke kakhulu ezithinta impilo njengokufuna ukwazi okulungile nokungalungile. Intsha yaseNingizimu Afrika isemathubeni amaningi kunentsha emhlabeni wonke ekutheni yona ithi incike emindenini ukuze ithole umhlahlandlela mayelana nokuziphatha ngendlela enesimilo. Abaholi bezenkolo noma imibhalo yezenkolo ithatha indawo yesibili kulokhu.

OKULUNGILE NOKUNGALU NGILE IZINGXOXO

Lapho engijwayele ukuya khona kakhulu ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nokulungile nokungalungile

- 1 **AMALUNGU OMNDENI 48%**
Isilinganiso somhlaba jikelele: 50%
- 2 **ABAHOLI BEZENKOLO/ IMIBHALO 16%**
- 3 **ABANGANI/ONTANGA 12%**
- 4 **I INTHANETHI/IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA 12%**
- 5 **OTHISHA/ABELULEKI 9%**
- 6 **IMITHOMBO YABEZINDABA ENGEKHO KU-INTHANETHI 4%**

INJONGO NGEMPILO IZINGXOXO

Lapho engijwayele ukuya khona ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nenjongo ngempilo

- 1 **AMALUNGU OMNDENI 38%**
Isilinganiso somhlaba jikelele: 41%
- 2 **IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA/KU-INTHANETHI 20%**
- 3 **ABANGANI/ONTANGA 13%**
- 4 **ABAHOLI BEZENKOLO/IMIBHALO 12%**
- 5 **IMITHOMBO YABEZINDABA ENGEKHO KU-INTHANETHI 9%**
- 6 **OTHISHA/ABELULEKI 8%**



Yana emndenini ukuze uthole umhlahlandlela mayelana nokulungile nokungalungile

KENYA

42%

NIGERIA

48%

NINGIZIMU AFRIKA

53%

UMHLABA JIKELELE

50%

Umndeni kulokhu yiwo ongumthombo omkhulu womhlahlandlela entsheni lapho ifuna ukwazi ngezinjongo zempilo. Izinkundla zokuxhumana noma eminye imithombo ye-inthanethi ithatha indawo yesibili, bese kuthi abaholi bezenkolo noma imibhalo yezenkolo kona kusemsileni ohlwini lwezinto eziyimithelela mayelana nalesi sihloko.


Imithelela Yokuxhumana Nomndeneni

Nakuba kunjalo, izinga lomthelela womndeneni njengokuba wumhlahlandlela liyehla njengoba enye intsha ibika mayelana nokuxhumana okungekuhle nemindeneni yayo. Cishe **oyedwa-1 kwabawu 5** abasha e Afrika bathi ukuxhumana jikelele nemindeneni yabo bekungekuhle. Lentsha ayivamile ukuxhumana nabazali bayo mayelana nokuthola umhlahlandlela maqondana nokuziphatha okuqotho noma mayelana nezinjongo zempilo esikhundleni salokho ifuna izimpendulo ezinkundleni zokuxhumana noma kubangani bayo noma ontanga.

UMUNTU OMUSHA
OYEDWA-1 KWABAWU
5 UBIKA UKUTHI
UKUXHUMANA
NOMNDENI WAKHE
BEKUNGEKUHLE
IMPELA


IZINGXOXO EZULUNGILE NEZINGALUNGILE

Lapho ngiya khona kakhulu ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nokulungile nokungalungile:



INJONGO YEZINGXOXO EZIMAYELANA NEMPILO

Lapho engivamise ukuya khona ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nenjongo ngempilo:




Imithelela Ngokwenkolo

Izinto eziyimithelela entsheni ziyehluka kancane ngenxa yezinkolelo zayo ngokwezenkolo. AmaSulumane namaKrestu bavame ukuya emindenini yabo ngenhloso yokuthola ulwazi ngenjongo yempilo. Kodwa akufani ngoba intsha elandela ezinye izinkolelo maningi amathuba okuthi iye kubangani bayo noma kontanga ukuze ithole lolu lwazi futhi maningi amathuba okuthi ithembele ezinkundleni zokuxhumana noma kweminye imithombo ye inthanethi.

IMITHELELA EYISISEKELO NGOKWEZENKOLO

Lapho ngiya khona kakhulu ukuze ngithole umhlahlandlela mayelana nenjongo ngempilo:



Uma kuqhathaniswa nenye intsha, amaSulumane yiwona okungenzeka kakhulu ukuba axhumane nabaholi bezenkolo noma imibhalo yezenkolo ngenhloso yokuthola imihlahlandlela maqondana nokwazi okulungile nokungalungile. Kodwa noma kunjalo, iSulumane elilodwa-1 kwawu 5 lithi lona ngumthombo wawo oyisisekelo wokuthola lolu lwazi.

UMTHELELA WABAHOLI NGOKWEZENKO-


Baxhumana nabaholi bezenkolo noma imibhalo yezenkolo kaningi ukuze bathole umhlahlandlela mayelana nokulungile nokungalungile



Ukuzinikela kwentsha okholweni lwayo kwenza umehluko mayelana nalapho eya khona uma ifuna ukuthola izeluleko. **AmaKrestu Azinikele anamathuba aphindwe kabili kunalawo MaKrestu Asontayo okuthi aye kubefundisi bawo noma baye eBhayibhelini ngenhloso yokuthola umhlahlandlela** maqondana nokubili esibabuze ngakho.

INTSHA ENGAMAKRESTU IYAPHENDULA

Baya kubefundisi noma eBhayibhelini ukuze bathole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana...



Isiphetho

Njengoba intsha yanamuhla ihlangabezana nezinkinga eziphithaphithene nemibuzo ngempilo, amazwi ewalalelayo abalulekile. Imithombo intsha eyethembayo neya kuyo mayelana nokuqonda iyona enomthelela kulokho ezokholelwa kukho. Kanti futhi lokho ekholelwa kukho kunomthelela omkhulu endleleni ezoziphatha ngayo.

- **ABAZALI BANENDIMA EBALULEKILE OKUFANELE BAYIDLALE.** Okukhuthazayo ukuthi intsha ibika ukuxhumana okuhle nemindeni yayo futhi iya kubazali ngenhloso yokuthola umhlahlandlela maqondana nemibuzo ethile ebalulekile ethinta impilo. Abazali akufanele balithathe kancane ilungelo abanalo lokukhuluma phezu kwezimpilo yengane yabo nokuxoxa amaqiniso ngothando.
- **U-MBHALO NEZIMFUNDISO ZESONTO AKUSONA ISISEKELO ESIPHAMBILI, NGISHO NASENTSHENI ENGAMAKRESTU.** Intsha engamaKrestu Azinikele iya kubefundisi bayo noma eBhayibhelini uma ifuna ukuthola umhlahlandlela uma kuqhathaniswa namaKrestu Asontayo, kodwa iZwi likaNkulunkulu aliyona indawo yokuqala aya kuyo uma edinga ukwelulekwa. Njengoba sazi ukuthi umndeni yiwo othenjwa kakhulu ekuhlinzekeni ngomhlahlandlela empilweni yabantu abasha, singabahlomisa kanjani abazali ukuba bafundise izingane zabo kanye nentsha ekhaya?
- **UMPHAKATHI OQINILE UBALULEKILE.** Kuyakhuthaza ukubona intsha ithi inobunye ubudlelwane ukwengeza kulobo enabo nomndeni wayo. Kubalulekile ukuthi babenabantu ababazi kahle futhi abangabeseka uma kwenzeka bebhekana nezinselelo. Singaqhubeka kanjani nokukhuthaza intsha ukuthi ixhumane futhi ixoxe ngokweqiniso nabantu ebathembayo empilweni yayo?



OKUQONDENE NOMUNTU SIQU ULWAZI NEZ- INTO OHLANG- ABEZANA NAZO KANYE NEMIZA- BALAZO

UMBIKO WE AFRIKA

Esikutholile



Inani elikhulu lentsha linenkinga yempilo yengqondo, ikakhulukazi ibika umzwangedwa, ukukhathazeka kwezinga eliphezulu, kanye nokhwantalala. **INingizimu Afrika ne-Nigeria** angamazwe aphakathi kwawu 5 aphezulu ocwaningweni lwethu lomhlaba wonke omayelana nentsha ngenhloso yokubika ukuthi ihlangabezana **nesizungu**.



oyi 1

kwabawu 4

umuntu osemusha e-Afrika (24%) ubika ukuthi **wake waba nemicabango yokuzibulala** ezinyangeni ezintathu ezedlule.

U 4% wentsha

ubike ukuthi empeleni **wake wazama ukuzibulala**.



U 55%

wentsha uthi uke wabuka **izithombe zezocansi** muva nje, okungaphezu kwesilinganiso somhlaba jikelele salesi sizukulwane.



Uma kuqhathaniswa nabafana, **amantombazane azabalaza kakhulu** ngokwesimo sengqondo **nakukho konke ababhekene nakho**.

Oyedwa kwabawu 4

kwintsha yase-**Kenya** kamuva nje ubika ukuthi useke wasebenzisa **izidakamizwa zokuzijabulisa**, okubenza babe **izwe eliphezulu ocwaningweni lwethu lomhlaba wonke** ekubikeni lokhu.



U 45%

wentsha engashadile **ibiyenza ucansi** ezinyangeni ezintathu ezedlule, kulokhu amazwe ase-Afrika **g>awu 4 iwona aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele** abike ngalokhu.



Ukubandakanyeka Kumkhuleko Nemibhalo

kuyimikhakha emibili yangokomoya eqashelwayo ukuze **yenze umehluko omuhle** engandlela thizeni kubantu abasha abadonsa kanzima.


Ezempilo Yezengqondo

Sicele intsha ukuthi isitshela mayelana nalokho ehlangabezane nakho siqu sayo kanye nokuzabalaza kwayo ezinyangeni ezintathu ezedlule empilweni yazo. Imininingwane yaqoqwa phakathi kuka Nhlolanja no Ndasa ku2020, okusho ukuthi intsha yayikhuluma ngempilo yayo ngaphambi kwemithelela eyayisabalele eyadalwa wubhubhane lwe-coronavirus okuholele ekuvalweni kwezwe nakumvaelandlini.

Intsha e Afrika yaphumela obala ngesikhathi isitshela ukuthi ibhekene nobunzima obuthile ngokuya ngomuntu siqu. **Iningi lentsha e Afrika yabika ukuthi inomzwangedwa; abangaphezu kwesigamu babika ukuthi banokukhathazeka okukhulu; futhi cishe isigamu sabo sabika ukuthi sinokhwantalala**¹. I-Ningizimu Afrika ne Nigeria zazikwamazwe amane aphezulu ohlwini lwamazwe anentsha enomzwangedwa ocwaningweni lwethu lomhlaba wonke.

IMIZABALAZO NGEZEMPILO ZEZENGQONDO

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngihlangabezane:




Umehluko ongenakuphikiswa ku lemininingwane ovele lapho kubhekwa imiphumela ngokobulili. **Intsha yamantombazane idonsa kanzima kakhulu** kunentsha yabafana uma kuziwa kwezempilo yayo yezengqondo kuyo yonke imikhakha esabuza ngayo. Isimo esifanayo saqashelwa nasezingeni lomhlaba jikelele.

↑↓ ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

¹ Yazi ukuthi le mininingwane ayiwona ngempela amazinga engcindezi noma okukhathazeka okukhulu. Intsha yayizitolikela yona la magama eyanikezwa wona qede yazisholo ngokwayo ukuthi ingabe ike yabhekana nalezi zimo noma cha.

AMANTOMBAZANE ADONSA KANZIMA KAKHULU

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngihlangabezane:



Ukuzibulala


Sicele intsha ukuthi izibikele yona ngokwayo uma ike yafikelwa umcabango wokuzibulala noma uma ike yazama ukuzibulala ezinyangeni ezintathu ezedlule. Emazweni awu 20 ocwaningweni lwethu lomhlaba wonke, iNingizimu Afrika yayiphezulu ohlwini lwamazwe amahlanu ahamba phambili ngemicabango yokuzibulala.

Cishe **umuntu omusha oyedwa-1 kwabawu 3** waseNingizimu Afrika usitshele lokhu. Uma lokhu kuqhathaniswa neKenya neNigeria kuwo womabili lamazwe izinga lokucabanga ngokuzibulala lingaphansi kwalelo lomhlaba jikelele, kanti iNigeria yona inezibalo ezimbalwa kakhulu zokuzama ukuzibulala ngokuya ngocwaningo lwethu lomhlaba wonke.

UMUNTU
OMUSHA
OYEDWA-1
KWABAWU 3
ENINGIZIMU
AFRIKA
USEKE WABA
NEMICABANGO
YOKUZIBULALA
MUVA NJE

UBUNGOZI BOKUZIBULALA NGOKWEZWE


Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngihlangabezane:



Imicabango yokuzibulala ibonakale ihluka kakhulu ngokweminyaka njengoba intsha esencane kuyiyo esengozini enkulu uma kuqhathaniswa nentsha endala. Amantombazane nawo maningi amathuba okuthi abike ngemicabango nemizamo yokuzibulala kunabafana¹.




IMICABANGO NGOKUZIBULALA NGOKWEMINYAKA



UBUNGOZI BOKUZIBULALA NGOKOBULILI

Legend:
■ IMICABANGO YOKUZIBULALA
■ IMIZAMO YOKUZIBULALA




^{#1} ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

¹ Qaphela ukuthi ziphansi izibalo ezikhombisa imizamo yokuzibulala ocwaningweni lwethu, ngakho amaphesenti ahlobene nalokhu kumele abhekwe ngokucophelela.

Imibhalo yocwaningo ngalesi sihloko ikhombisa izimo eziningi ezinganyusa izinga elingabeka umuntu omusha engcupheni yokuzibulala okubandakanya nezinkinga ze-LGBTQ, ukusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa, ubuxhwanguxhwangu, nezimpawu zokukhathazeka noma zokhwantalala¹. Ucwano lwehlu lweze okufanayo mayelana nokuba sengcupheni kwentsha.

Intsha ebika ngokudideka kwayo mayelana nobulili bayo isethubeni eliphindwe kathathu lokuzama ukuzibulala muva nje uma lokhu kuqhathaniswa nesilinganiso esikhona. Ezinye izimo ezibonakele ezihambisana nobungozi bezinga eliphezulu lokuzibulala zibandakanya ukuxhumana komndeni okungekuhle, ukusetshenziswa kwezidakamizwa ngenhloso yokuzijabulisa, ukuba isisulu sobuxhwanguxhwangu kwi inthanethi, ingcindezi kanye nokukhangwa ubulili obufanayo.

IZIMO EZIWU 6 EZIHLOBENE NEZINGA ELIPHEZULU LOBUNNGOZI BOKUZIBULALA




Imizamo yokuzibulala, njengemicabango yokuzibulala idalwa yizimo ezisukela ekuziphatheni budedengu okukhombisa ukungayikhathaleli impilo kuya emizamweni ehleliwe. Ukuzama ukuzibulala kwentsha akudalwa yinto eyodwa, kodwa kungaba uchungechunge lwezinyathelo ezincane nemicabango eyakhela phezu komunye umcabango.

Ngaphandle kokubheka izimo ezithile, le mininingwane ikhombisa ukuthi **enye intsha izizwa ilahlekelwe yithemba okwenza ukuthi ithathe lesi senzo esinzima.** Kumele siyizwele intsha ezizwa ilahlekelwe yithemba ngempilo okwenza ukuthi ifune ukuzibulala. Uma kuziwa ekuzibulaleni, asibheki izinombolo ezisekhasini noma kumaphesenti esampula—kodwa sibheka impilo yangempela yabantu. **Okusho ukuthi noma singathini isibalo, lesi sibalo sisuke sisikhulu.**

¹ I-CDC WONDER Uhlu Olukwi inthanethi, Imbangela Eyisisekelo Yokufa, Amafayela Ezimbangela Eziningi Zokufa 2015-2017. AmericasHealthRankings.org, Ifinyelelwe ngo-2020.

Ezocansi

UKUYA OCANSINI NGOKWAMAZWE




ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20




UKUZIBANDAKANYA NGOKOCANSI NGOKWEMINYAKA

INTSHA YONKE INTSHA ENGAMAKRESTU



UKUZIBANDAKANYA NGOKOCANSI NGOKOBULILI



Iminyaka yobusha ingaba isikhathi sesivivinyo nesibandakanya nokuqonda okushintshashintshayo mayelana nobulili bomuntu kanye nokuheheka kwakhe kubulili obuthile. Lezi kwakuyizihloko esacela ukuthi intsha ixoxe ngazo, isitshele kabanzi ngalokho ehlangabezane nakho empilweni yayo siqu. **Amazinga okuzibandakanya kwentsha engashadile kwezocansi e Afrika kungezinye zezinto eziphezulu kakhulu ezikhonjiswa wucwaningo lwethu lomhlaba jikelele.**

Lokhu kukhombisa izinhlobo eziningi zendlela yokuziphatha, kodwa ngesikhathi intsha iphendula lo mbuzo ichaze ngokwayo ukuthi kusho ukuthini ukuzibandakanya kwezocansi. Intsha ebika ukuthi ishadile ayifakwanga kulesi sibalo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi lesi sibalo simele ukuzibandakanya kwezocansi kungashadiwe.

Izinga lokuzibandakanya kwezocansi beliphakeme ngokuphindwe kathathu entsheni endala (eneminyaka ephakathi kwewu 18 newu 19 ubudala) kunentsha esencane (eneminyaka ephakathi kwewu 13 kuya kwewu 15 ubudala). Noma kunjalo, **cishe umuntu omusha oyedwa-1 kwabawu 5 ongaphansi kweminyaka ewu 16 uthi ube nokuzibandakanya kwezocansi kamuva nje.** Abafana yibo abazibandakanya kakhulu kwezocansi kunamantombazane kanti kubonakele ukuthi intsha engamaKrestu yiyo ezibandakanya kwezocansi ngokuthe xaxa kunenye intsha.

Siphinde sacela intsha ukuba iveze umbono wayo mayelana nokuthi ukuya ocansini ngaphambi komshado kuyamukeleka yini. Izimpendulo zahlukahluka kakhulu ngokuya ngamazwe njengoba iNigeria neKenya zisemathubeni amancane okuthi zingavumelana nalokhu kanti iNingizimu Afrika ihambisana nesilinganiso somhlaba wonke. Noma kunjalo, lesi sizukulwane sase Afrika sisakhombisa ukungaqiniseki ngalesi sihloko. Cishe uhhafu wentsha yaseNigeria kanye nabantu abasha baseKenya abawu 3 kwabawu 5 bathi ukuzibandakanya kwezocansi ngaphambi komshado kulungile noma abanye bathi abanaso isiqiniseko.

Ingabe kulungile yini ukuya ocansini ngaphambi komshado?

● YEBO ● CHA ● MHLAWUMBE

KENYA



23% 42% 34%

NIGERIA



26% 50% 24%

NINGIZIMU AFRIKA



20% 28% 52%

UMHLABA JIKELELE




21% 28% 51%

Mhlawumbe akumangazi ukuthi umbono wentsha ngalesi sihloko uhluke kancane ngokusekelwe kwezenkolo zayo. Intsha yamaSulumane iyona ephikisana kakhulu nokuzibandakanya kwezocansi ngaphambi komshado uma iqhathaniswa namaKrestu noma intsha yezinye izinkolelo. Nakuba kunjalo **uma kukhulunywa ngendlela yokuziphatha kwayo kwangempela, umehluko okhona mayelana nocansi olwenziwe kamuva nje mncane kakhulu ngaphandle kokubheka ezenkolo jikelele.**

IMIBONO NGOKWEZENKOLO


■ UMKRESTU ■ ISULUMANE ■ EZINYE IZINKOLELO



AmaKrestu yiwona asemathubeni amaningi okuzibandakanya ngokocansi kunoma yiliphi iqembu lezenkolo, kodwa besifisa ukubona ukuthi amaKrestu Azinikele wona azoba nezinkolelo ezechukile noma indlela yokuziphatha eyehlukile. Imininingwane iveza ukuthi intsha eningi EngamaKrestu Azinikele iyaphikisana nokuzibandakanya ngokocansi ngaphambi komshado uma kuqhathaniswa namaKrestu Asontayo.

Nakuba kunjalo, amaKrestu Azinikele awehlukile kangako mayelana nalolu daba. Amathuba okuthi kungenzeka athi asanda kuzibandakanya ngokocansi kamuva nje awamakhulu uma kuqhathaniswa namaKrestu Asontayo.

UKWESABELA KWENTSHA ENGAMAKHOLWA



Imifanekiso Yezocansi

Maningi amathuba okuthi intsha yase Afrika ithi isanda kuyisebenzisa imifanekiso yezocansi. I-Ningizimu Afrika, iKenya, neNigeria ngamazwe asohlwini lwamazwe awu 6 aphezulu emhlabeni jikelele ukubika lokhu.

UKUSETSHENZISWA KWEZITHOMBE ZEZOCANSI EZWENI




ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20


Izinga lokusetshenziswa kwemifanekiso yezocansi libonakala liphakeme empilweni yentsha endala uma iqhathaniswa nentsha esencane futhi liphezulu kubafana kunamantombazane. Intsha yezinye izinkolelo kungenzeka kakhulu ukuthi iqinisekise ukuthi isanda kubuka imifanekiso yezocansi kunamaSulumane noma amaKrestu. Kodwa noma kunjalo, intsha engamaKrestu engaphezu kwengxenywe ibika ukuthi iyayisebenzisa imifanekiso yezocansi.




UKUSETSHENZISWA KWEZITHOMBE ZEZOCANSI NGOKWEMINYAKA



UKUSETSHENZISWA KWEZITHOMBE ZEZOCANSI NGOKOBULILI



UKUSETSHENZISWA KWEMIFANEKISO YEZOCANSI NGOKWENKOLO




Eminge /mizabalazo

Ucwaningo lwethu luveza ezinye izinselelo eziningi intsha eAfrika ebhekene nazo. I-Kenya iyizwe elihamba phambili emhlabeni jikelele elinentsha ebika ukuthi isanda kusebenzisa izidakamizwa zokuzijabulisa. I-Ningizimu Afrika isemazweni amathathu ahamba phambili emhlabeni jikelele lapho abantu abasha ababika ukuthi bebedakiwe muva nje. Intsha yaseNigeria ingaphansi kwesilinganiso somhlaba jikelele ekubikeni mayelana nokuziphatha ngalezi zindlela.

UKUSEBENZISA UTSHWALA NEZIDAKAMIZWA

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngibe...



Amandla Omthandazo kanye Nokuxoxa Ngemibhalo Engcwele


Kusobala ukuthi intsha e Afrika idonsa kanzima ezintweni eziningi. Nakuba kunjalo, imininingwane iyaveza ukuthi likhona ithemba langempela elizotholakala. Uma sijulisa umbono wethu kwintsha engamaKrestu azinikele okholweni lwawo—isithombe sabonakala sihluke kakhulu.

Intsha ebambelele ezinkolelwani eziyingqikithi zobuKrestu nelandela izimfundiso zangokomoya zevangeli likaJesu zokufunda iBhayibheli njalo nokuthandaza ikhombisa ukuthi izinto ezihlangabezane nazo empilweni yayo zehluka kakhulu. **Intsha engamaKrestu Azinikele akuvamile ukuthi ibe nomzwangedwa, nengcindezi, nomuzwa wokuzibulala, futhi mancane amathuba okuthi izibandakanye ophuzweni oludakayo, ekusebenziseni budedengu kwezidakamizwa kanye nasekusebenziseni imifanekiso yezocansi.** Lokhu kukhombisa amandla okubandakanyeka kweMibhalo eNgcwele kanye nomthandazo empilweni yentsha ekuyisizeni ukuba igweme izilingo nezinkinga.

AMAKRESTU AZINIKELE ABHEKANA NOKUZABALAZA OKUNCANE

■ UMKRESTU OSONTAYO ■ UMKRESTU OZINIKELE 🌈

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngihlangabezane:



Isiphetho

Le mininingwane kungenzeka yakhe isithombe esidabukisayo ngendlela intsha ebuka ngayo impilo. Izinto kanye nezinkinga intsha ebhekana nazo nsuku zonke zingabonakala zingaphezu kwamandla, kodwa kubalulekile ukuqala ngokulalela nokuqonda ngaphambi kokuba kuthathwe izinyathelo. Nazi ezinye izinto okufanele uzibheke:

- **ININGI KAKHULU INTSHA EZIZWA IYODWA FUTHI INGENATHEMBA.** Intsha eningi yase Afrika inomzwangedwa omangalisayo, kanti nemicabango yokuzibulala nayo iyinto eyinkinga enkulu kuyo. Singabasiza kanjani abantu abasha ukuba bazibone bengabantu ababonakalyo, nabasekelwe, kanye nabakhuthazwa ngethemba lokuthi iVangeli libaphatheleni ezimpilweni zabo?
- **I-ZWI LIKANKULUNKULU LENZA UMEHLUKO.** Intsha efunda iBhayibheli futhi esondela kuNkulunkulu ngomthandazo iphila ngendlela ehlukile kunaleyo engazinikele kangako okholweni lwayo. Singayisiza kanjani intsha ukuba izithuthukisele lezi zimfundiso zangokomoya nokuthi ivumele ukuthi uMbhalo Ongcwele kube yiwo umhlahlandlela ohola izenzo zayo kanye nendlela ezikhethela yona?
- **AMANTOMBAZANE NABAFANA BADINGA UKWESEKWA NGEZINDLELA EZAHLUKENE.** Angeke kwaphikiswa ukuthi indlela ababhekana ngayo nezinsalelo iyehluka ngokobulili. Amantombazane adonsa kanzima kakhulu ngezempilo zezengqondo kanti abafana badonsa kanzima ngezinto ezithinta ucansi nemifanekiso yezocansi kanye namazinga aphezulu omzwangedwa, ukukhathazekai kanye nokhwantalala. Cabanga ngezindlela intsha edinga ukufundiswa ngendlela kanye nokuthi singabatholela kanjani abeluleki ukuze lesi sizukulwane sihambe eduze kwabo.
- **INTSHA IDINGA IZIMFUNDISO ZIKAJESU EMKHAKHENI WEZOCANSI.** Intsha yase Afrika iyona okungenzeka kakhulu esizukulwaneni sayo emhlabeni jikele ukuthi izibandakanye kwezocansi ngaphandle komshado. Futhi nakuba amaKrestu Azinikele azi kahle ukuthi lokuziphatha akulungile kodwa nawo awazikhetheli okuhlukile. Singabahlomisa kanjani abantu abasha ukuba balandele lokho okushiwo yiBhayibheli ngalesi sihloko ekwenzeni kwabo kwansuku zonke?
- **IMIFANEKISO YEZOCANSI ISOBALA.** Lena inkinga enkulu entsheni yanamuhla emhlabeni jikelele ngisho nase Afrika. Izinkolelo zezenkolo zentsha aziyivikeli esilingweni sezocansi, izinkanuko zezocansi zifezeka kalula ngoba le mifanekiso kufinyeleleka kalula nangokusheshayo kwi inthanethi. Singayixazulula kanjani le nkinga esidlange kangaka yokusetshenziswa kwemifanekiso yezocansi njengoba isibambe lesi sizukulwane esilandelayo?

UBUDIJITHALI UKUXHUMEKA KWI INTHANETH KANYE NOM- THELELA

UMBIKO WE-AFRIKA

Esikutholile



Intsha yase-Afrika ichitha isilinganiso samahora awu **7 namaminithi awu 50** kwi inthanethi nsuku zonke, okungaphezudlwana kwesilinganiso somhlaba wonke.

Intsha **esebenzisa kakhulu i Inthanethi** (amahora awu 10 nangaphezulu ngosuku) **izabalaza kakhulu** ezindaweni ezithile:



Intsha e-Afrika ingaphezulu kancane kunesilinganiso somhlaba jikelele ekubikeni ukuthi **ihlukunyezwe othile ku-inthanethi**, kanti intsha **yaseKenya kanye neyaseNigeria** isemazweni awu 4 aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele lapho intsha yakhona ivuma ukuthi ike yaziswa umuntu othile ku-inthanethi ubuhlungu kamuva nje.



Intsha yase-Afrika ichitha isikhathi sayo esiningi ku-inthanethi **ikhuluma futhi ixoxa noma isebenzisa izinkundla zokuxhumana** futhi ichitha isikhathi esiningi yenza lokhu kunontanga bayo emhlabeni jikelele.



wentsha uthi **ubuka amavidiyo nsuku zonke.**



Intsha **inemizwa exubile mayelana nezinkundla zokuxhumana**, iningi layo lithi **zinomthelela ekwaneliseni impilo yayo** kodwa iningi libika ukuthi ngezinye izikhathi noma ngokuvamile zibenza bazizwe bedangele, bekhathazekile, noma benenokhwantalala.

U52% wentsha uthi uchitha **isikhathi esingaphezu kwehora ezinkundleni zokuxhumana nsuku zonke.**



Intsha Ne inthanethi

Lesi yisizukulwane sesikhathi sobuchwepheshe bedijithali obungakaze bubonwe emhlabeni jikelele. Iningi lentsha likhulele kwi inthanethi, liba nama-smartphones lisesencane, futhi lizalwe sekuvele kunezinkundla zokuxhumana emhlabeni.

Ukuxhumeka kwi inthanethi bekuyimfuneko ukuze ukwazi ukubamba iqhaza kulolu cwaningo. Yazi ukuthi le miphumela ayimele yonke intsha yase Afrika, ikakhulukazi ezindaweni eziningi zasemakhaya ezingamelwe yisampula yethu yentsha exhumeke kwi inthanethi.

Nakuba kunjalo, lolu cwaningo luyayikhomba indlela eya phambili. Njengoba izindawo eziningi seziba ne-inthanethi, lo wumhlaba lapho isizukulwane esilandelayo esingena kuwo kanye nezinsalelo okungenzeka sibhekane nazo kulo mhlaba.

ISIKHATHI SESISONKE SOKUBA KWI INTANETHI NSUKU ZONKE



Intsha esiyanze inhlolovo e-Afrika ichitha isilinganiso samahora awu **7 nemizuzu ewu 50 kwi inthanethi nsuku zonke**, okungaphezudlwana kwesilinganiso somhlaba wonke¹. Intsha yaseNigeria ichitha isikhathi esiningi kwi inthanethi kunentsha yakwamanye amazwe ase Afrika futhi ikleliswe endaweni yesine jikelele ocwaningweni lwethu emhlabeni jikelele lwamazwe awu 20.

¹ Yazi ukuthi le mininingwane yaqoqwa phakathi kuka Nhlolanja noNdasa ku2020, ngaphambi kokuba izikole zishintshele ekufundeni ngokusebenzisa uhlelo lwezobuchwepheshe ngenxa yobhubhane lwe coronavirus. Intsha ayizange icelwe ukuthi ikhiphe isikhathi semisebenzi yesikole kuleso sikhathi esichitha kwi inthanethi nsuku zonke, ngakho ke kungenzeka ukuthi abanye basifakile esilinganisweni sabo.




Ukuxoxa




Izinkundla Zokuxhumana



Amavidiyo




Ukudlala imidlalo yamavidiyo



ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

Yini eyenziwa yintsha kuwo wonke lawo mahora ewachitha kwi inthanethi? Ikakhulukazi ukukhuluma, ukuthumela imiyalezo, noma ukuxoxa ngevidiyo noma ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana. **Intsha yase Afrika ephendule inhlolovo ihamba phambili emhlabeni jikelele ngesikhathi esichitha ixoxa kwi inthanethi, idlula isilinganiso somhlaba jikelele ngesikhathi esingaphezu kwehora.** Ngaphezu kwalokho, intsha yaseNigeria ichitha isikhathi esiphindwe kabili ezinkundleni zokuxhumana nsuku zonke kunesilinganiso somhlaba jikelele sontanga bayo.

I-Nigeria ihamba phambili emhlabeni jikelele ekusetshenzisweni kwezinkundla zokuxhumana, intsha yaseKenya ikleliswe endaweni yesibili kanti intsha yaseNingizimu Afrika ikleliswe endaweni yesine. Okubonakala kakhulu esikhathini esichithwa ku-inthanethi ukuthi sihambisana neminyaka yobudala, intsha esithe ukukhulakhula ichitha ihora elengeziwe noma ngaphezulu nsuku zonke kwi inthanethi kunentsha esencane.



Isikhathi sesisonke kwi inthanethi akuyona yodwa indlela yokuqonda mayelana nemikhuba yentsha maqondana nobuchwepheshe bedijithali. Izinto evame ukuzenza zidweba isithombe sokuzibandakanya kwabo kwi inthanethi. U-91% wentsha e-Afrika uthi ubuka amavidiyo nsuku zonke ezinkundleni ezihlanganisa i-Netflix ne-YouTube. Lo mkhuba waqashelwa entsheni emhlabeni jikelele, cishe yonke intsha ocwaningweni lwethu lwamazwe awu 20 ithi ibuka amavidiyo nsuku zonke.

Intsha Nezinkundla Zokuxhumana

Abantu abasha abangaphezu kuka**4 kwabawu5 base Afrika basebenzisa izinkundla zokuxhumana nsuku zonke**, bethi zibasiza ukuthi baxhumane nabangani nomndeni futhi bahlale benolwazi. Kodwa cishe uhhafu (52%) uthe basebenzisa isikhathi esingaphezu kwehora kulezi zinkundla nsuku zonke. Ngaphezu kwalokho, intsha iveze imizwa exubile mayelana nezinto ehlangabezana nazo ezinkundleni zokuxhumana.




Izizathu ezenza ngisebenzise izinkundla zokuxhumana:

1. Ukuxhumana nabangani kanye nomndeni
2. Ngisize ngihlale nginolwazi

Izinkundla
zokuxhumana zingisiza
ngizizwe nginelisekile
ngempilo yami

UKUPHENDULA NGESIKHATHI KU-INTHANETHI




ABASEBENZISA I INTHANETHI KAKHULU
(amahora awu 10 nangaphezulu kwi
intanethi nsuku zonke)

ABASEBENZISA INTHANETHI KANCANE
(amahora awu 0 kuya kwawu
4 ku-intanethi nsuku zonke)

UKWESABELA NGOKWEMINYAKA



UKWESABELA NGOKOBULILI



Izinkundla zokuxhumana zingisiza
ngizizwe nginelisekile ngempilo
yami




Izinkundla zokuxhumana ngezinye
izikhathi noma zivamile ukungenza
ngizizwe ngidabukile, ngikhathazekile,
noma nginokhwantalala



Intsha echitha isikhathi esiningi ezinkundleni
zokuxhumana nsuku zonke ibika ukuthi
zibasiza ukuthi bezizwe benelisekile
ngempilo yabo kunentsha echitha isikhathi
esincane kulezi zinkundla. Intsha esencane
nayo yaneliseke kakhulu uma iqhathaniswa
nentsha endala; nabafana baneliseke kakhulu
kunamantombazane.

**Izinkundla zokuxhumana ziyaye
zibe nomthelela omubi kakhulu
emantombazaneni uma kuqhathaniswa
nabafana,** okungenzeka ukuthi zenza ukuthi
angazizwa kahle empilweni yawo.

Izinkundla zokuxhumana zivame noma
ngezinye izikhathi zingenze ngizizwe
ngidabukile, ngikhathazekile futhi ngidangele



Um thelela weinthanethi


Sithole izimpendulo ezihlukahlukene ezivela entsheni mayelana nemikhuba yayo kanye nesikhathi abasichitha kwi inthanethi, okwenze ukuba sikwazi ukuhlukanisa abaphendulile njengabasebenzisi be inthanethi kancane (amahora awu 0 kuya kwawu 4 kwi inthanethi nsuku zonke); abasebenzisi be inthanethi ngokuphakathi (amahora awu 4.1-9.9 nsuku zonke); nabasebenzisi be inthanethi kakhulu (amahora awu 10 nangaphezulu kwi inthanethi nsuku zonke).

Sisheshe sabona umehluko omkhulu phakathi kwemikhakha. Phakathi kwabasebenzisi be inthanethi kancane, isilinganiso sesikhathi sansuku zonke kwi inthanethi sasingamahora awu 3. Kodwa, abasebenzisi be inthanethi kakhulu benza isilinganiso samahora awu 14 kwi inthanethi nsuku zonke.

ISIKHATHI ESICHITHWA KWI INTHANETHI


ISILINGANISO SESIKHATHI
KU-INTHANETHI NSUKU ZONKE

UMKHAKHA WOMSEBENZISI
WE-INTHANEHI



Uhlu lwezinto abasebenzisi be inthanethi kancane nabasebenzisi be inthanethi kakhulu abazenza kwi inthanethi zihleleke ngokufanayo kodwa izikhathi abazichitha kuleyo nakuleyonto zehluka kakhulu. Isibonelo, abasebenzisi kakhulu bachitha cishe amahora awu 12.5 bexoxa noma besezinkundleni zokuxhumana usuku ngalunye, uma kuqhathaniswa namahora awu 2.5 achithwa abasebenzisi be inthanethi kancane kuzo lezi zinto ezifanayo.

ISIKHATHI ESICHITHWAYO NGOKUYA NGENTO EYENZIWAYO




IZINSELELO EZIQONDENE NOMUNTU SIQU NGOKWESIKHATHI ESICHITHWA KWI INTHANETHI

ABASEBENZISAKAKHULU I INTHANETHI
(amahora awu 10 nangaphezulu nsuku zonke)

ABASEBENZISA I INTHANETHI KANCANE
(amahora awu 0 kuya kwawu 4 nsuku zonke)

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngihlangabezane:



Abasebenzisi be inthanethi kakhulu baphinde bakhombisa ukuziphatha ngendlela ehluke kunalaba abasebenzisa i inthanethi kancane. Maningi amathuba okuthi babike ukuthi bazizwa benomzwangedwa, babuka imifanekiso yezocansi, kanye nezinye izinto abazikhethayo ezingagculisi, okubandakanya ukuphuza utshwala nokusebenzisa izidakamizwa. Ngaphezu kwalokho, kunamathuba amaningi okuthi abasebenzisi be inthanethi kakhulu kube ngabantu abazibandakanya kwezocansi kunabasebenzisi be inthanethi kancane futhi kungenzeka ukuthi bathi kwamukelekile ukuya ocansini ngaphambi komshado.

Akuyona kuphela intsha yaseAfrika ebhekane nobudlelwano obuphithene phakathi kwezinto ehlangabezana nazo kanye nempilo yayo yedijithali. Lo mkhuba ofanayo uyabonakala emhlabeni jikelele emazweni awu 20 okwenziwe inhlolovo kuwo. Lokhu kuziphatha ngale ndlela kanye nokukhathazeka ngezempilo zezengqondo kuvele emhlabeni jikelele uma kuhlangukiswa nesikhathi esichithwe kwi inthanethi. Futhi kwamanye amazwe sibone umehluko omkhulu mayelana nemigomo kanye nemibono yentsha ngesikhathi siqhathanisa abasebenzisi be inthanethi kakhulu nabasebenzisi be inthanethi kancane.


Ngokusobala, lemiphumela iyakhathaza kakhulu. **Kodwa-ke, alukacaci kahle uhlobo lobudlelwano phakathi kwesikhathi esichithwa kwi inthanethi kanye nezinselelo intsha ehlangabezana nazo empilweni yayo siqu.** Le mininingwane ikhombisa ukuthi lukhona uhlobo oluthile lokuhlobana phakathi kwazo lezi zinto, kodwa abukho ubufakazi bokuthi okunye kuholela kokunye. Kungenzeka ukuthi ukusetshenziswa kakhulu kwe inthanethi kunomthelela kulezi zinselelo intsha ehlangabezana nazo siqu empilweni yayo. Ngakolunye uhlangathi, intsha esivele idonsa kanzima kungenzeka iye kumadivayisi ayo edijithali ngenhloso yokuthi iduduzeke noma kube yindlela yokubalekela inselelo ekhona.

Ukuxhumana Okwephula Omunye Umoya


I-inthanethi ayiphephile kwesinye isikhathi entsheni. Ucwangingo lwethu lomhlaba jikelele luthole ukuthi **umuntu omusha oyedwa-1 kwabawu 6 ubika ukuthi usanda kuba yisisulu sokuxhashazwa kwi inthanethi, kanti amazwe amaningi ase Afrika abika amazinga aphezulu alokhu.** Enye intsha iphinde yabeka obala ukuthi nayo ike yahlukumeza umuntu kwi inthanethi kamuva nje. Intsha yaseKenya neyaseNigeria ibesohlwini lamazwe amane aphezulu emhlabeni jikelele ukubika lokhu. Emazweni ase Afrika aphenhlo, iNingizimu Afrika iyona ayemancane amathuba okuthi ibike lezi zigameko ezimbi.

UKUBHOKLOLO KWI INTHANETHI

Ngike ngaxhashazwa kwi inthanethi kamuva nje




Bengizwisa omunye umuntu ubuhlungu kwi inthanethi kamuva nje



UBUBHOKLOLO NGOKWESIKHATHI ESICHITHWA KWI INTHANETHI

- ABASEBENZISA I INTHANETHI KAKHULU
(amahora awu 10 nangaphezulu kwi inthanethi nsuku zonke)
- ABASEBENZISA I INTHANETHI KANCANE
(amahora awu 0 kuya kwawu 4 kwi inthanethi nsuku zonke)



Mhlawumbe akumangazi ukuthi isikhathi esichithwa kwi inthanethi sibe nomthelela omkhulu ekusebenzisaneni okulimazayo. Abasebenzisi be inthanethi kakhulu yibo ababasemathubeni amakhulu okubika ngokuthi baxhashaziwe kwi inthanethi noma yibona abaxhaphaze abanye abantu kwi inthanethi.

Kungenzeka ukuthi kusolwe ezobuchwepheshe ukuthi yizo ezidala izinkinga empilweni yentsha, kodwa futhi asikwazi ukushalazela indaba yokuthi intsha isesigabeni seminyaka yobudala lapho kuba nezinguquko kumahomoni ayo, iba nokucasuka kalula lapho inabanye abantu, kanye nokunye okuyiphazamisayo okungenzeka ukuthi konke lokhu kuyidalele ezempilo zengqondo ezingekho esimweni esikahle.

Isikhathi esichithwa yintsha kumadivayisi edijithali naso esinye sezinto ezinomthelela empilweni yentsha yanamuhla nakulezo zinto intsha ehlangabezana nazo siqu.

Ukusetshenziswa kwezinkundla zedijithali kuyindlela yokuphila yabantu abasha banamuhla. Manje njengoba sesazi ukuthi bakuphi nokuthi benzani ngokwedijithali, sibabandakanya kanjani kumyalezo weVangeli okudingeka ufinyelele kubo ngendlela ephumelelayo? Nayi eminye imibono okumele ibhekwe:

- **INTSHA YASE AFRIKA ICHITHA ISIKHATHI SAYO ESININGI KWI INTHANETHI IXOXA FUTHI IKHULUMA NOMA ISEBENZISA IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA**, enye intsha ichitha isikhathi esiningi nsuku zonke ikulezi zinkundla. Singabavivisa ngandlelani ukuba babe nezingxoxo ezinengqondo, ezishukumisa ingqondo nontanga yabo ezibandakanya ukholo lwabo kanye nezinto ezibakhathazayo ngempilo? Phezu kwalokho, singazibandakanya kanjani thina njengebandla ezingxoxweni ezinengqondo, ezishukumisa ingqondo kulezi zindawo abakuzo kwi inthanethi?
- **AMAVIDIYO AYINGXENYE YEMPILO YANSUKU ZONKE YAYO YONKE INTSHA** futhi yindlela enamandla yokufinyelela kubantu abasha. Intsha ihlale ibuyela ezinkundleni ezifana ne-YouTube ne-Netflix ngenhloso yokubukela amavidiyo nsuku zonke. Singazisebenzisa kanjani izinkundla ezihehayo ezifana nalezi ukuze sifinyelele kubantu abasha ngezindaba zobuKrestu?
- **IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA ZINGABA INDAWO YOKUHLANGANA NOKUXHUMANA NENTSHA** empilweni yayo yansuku zonke. Nakuba kunjalo, kumele sikhumbule ukuthi lezi zinkundla intsha izisebenzisa ngezindlela ezihlukene. Enye intsha isebenzisa izinkundla zokuxhumana kakhulu, kodwa cishe uhhafu uthi uchitha ihora noma ngaphansi kulezi zinkundla nsuku zonke. Ngaphezu kwalokho, intsha ihlukene phakathi ngokuthi izinkundla zokuxhumana ziyabasiza noma ziyabalimaza, amantombazane athinteka kabi kunabafana. Kumele ukubhekisise lokho obafakela kona kulezi zinkundla nokuthi ungabasiza kanjani ukuthi bakwazi ukubhekana nobudlelwane babo obuphithene ngamadivayisi abo edijithali.
- **LABO ABACHITHA ISIKHATHI ESININGI BEKWI INTHANETHI KUNGENZEKA UKUTHI BANEZINSELELO EZINZIMA** nokuthi bakhethe izindlela ezingalungile. Abasebenzisa i inthanethi kakhulu bavame ukuzizwa bebodwa futhi abanye kungenzeka baphendukela ezintweni ezifana nezidakamizwa noma utshwala njengezindlela zokubalekela izinselelo abahlangabezana nazo. Singahambisana kanjani nale ntsha futhi siyikhuthaze ukuba ikhethe izindlela ezilungile ngesikhathi ibhekane nezinselelo?
- **INTSHA AYISEBENZISI I INTHANETHI NGENDLELA ENHLE NGASO SONKE ISIKHATHI**. Enye intsha yase Afrika iyazi ukuthi ukusebenzisa kwayo izinhlelo zedijithali ngezinye izikhathi kuzwisa abanye abantu ubuhlungu futhi maningi amathuba okuthi labo abachitha isikhathi esiningi bekwi inthanethi babike ngalezi zinto okuhlangatshezwana nazo kwi inthanethi. Singabafundisa kanjani abantu abasha ukuthi baphathe abanye abantu ngendlela elungile nokuthi basebenzise umthelela wabo kanye nokufinyelela kwabanye abantu ngendlela yokuthi basabalalise Izindaba Ezimnandi Zezwi kulabo bantu abahlangana nabo kulezi zinkundla zedijithali?

UKUZAZI KANYE NOBUDLELWANE

UMBIKO WE-AFRIKA

Esikutholile



u72% wentsha e-Afrika ukholelwa ekutheni empeleni ubulili buncike kulobo umuntu azalwe eyibo.



u23% uthi kuncike kwimizwa yomuntu, inkanuko, noma ukukhangeka ngokocansi.



Amantombazane

kunabafana kungenzeka athi **umuntu uyazikhethela ubulili** futhi kwamukelekile ukushintsha umzimba wakho ukuze ube ubulili obuhlukile.



Abasha abawu 4

kwabawu 5 base Afrika bakholelwa ekutheni **umshado kufanele ube isibopho sempilo yonke**, < g>kodwa bambalwa abakholelwa ekutheni umshado kufanele ube phakathi kwendoda nowesifazane kuphela.

Intsha yase Afrika ngokuvamile **iyaphikisana** nombono wokuthi umuntu **angashintsha umzimba wakhe ukuze abe nobulili obehlukile**, kodwa intsha yaseNingizimu Afrika ikwamukela kakhulu lokhu.



Cishe

oyi 1 kwabawu 5

kwintsha e Afrika ibika ukuthi ike yazizwa **ikhangwa umuntu wobulili obufanayo** ezinyangeni ezintathu ezedlule.



Izinkundla

zokuxhumana

noma eminye imithombo ekwi inthanethi

inomthelela omkhulu uma kukhulunywa ngezingxoxo **mayelana nobulili, nezinye izindaba zezocansi.**

Ukuzazi Ngokobulili

Ingabe kulungile yini ukuthi umuntu ashintshe umzimba wakhe ukuze abe ubulili obuhlukile?

● YEBO ● CHA ● MHLAWUMBE

KENYA



NIGERIA



NINGIZIMU AFRIKA



UHLABA JIKELELE




Amazwe i-Nigeria, i-Kenya, neNingizimu Afrika ebephakathi kwamazwe awu 4 aphezulu ohlwini emhlabeni jikelele **anesibalo esikhulu sombono ovamile maqondana nokuzazi ngokobulili.**

Intsha yase Nigeria ibihamba phambili ekuthini ubulili bomuntu bukhonjiswa yisitho sangasese umuntu azalwa naso. Kodwa ayemaningi amathuba okuthi intsha emhlabeni jikelele yona ithi umuntu uzikhethela yena ubulili—buyinto umuntu angazinqumela ngayo ngokuya ngokwemizwa yakhe siqu, ngokwenkanuko, noma ngokuya ngendlela aheheka ngokocansi ngayo kubulili obuthile.

UKUBUKA UBULILI NGOKWEZWE

Ubulili empeleni buncike:




Intsha yaseNigeria naseKenya ayivumelani kakhulu nokuthi umuntu kufanele akwazi ukushintsha umzimba wakhe ukuze abe nobulili obuhlukile. Intsha yaseNingizimu Afrika ilwamukela kakhulu ushintsho lobulili okwenza ukuthi ihambisane nentsha yamanye amazwe emhlabeni jikelele mayelana nalokhu.

Amantombazane awahambisani kahle nokuchazwa kobulili ngendlela ejwayelekile uma kuqhathaniswa nabafana. Amantombazane amaningi akholelwa ukuthi ubulili buyinto yangokwemizwa noma yangokwenkanuko yomuntu okuwumbono ofanayo nowendlanzana labafana.

Amantombazane nawo anamathuba aphindwe kabili kunabafana mayelana nokuthi kwamukelekile ukuthi umuntu aguqule umzimba wakhe ukuze abe ubulili obuhlukile. Okokugcina, **uma amantombazane eqhathaniswa nabafana, maningi amathuba okuthi amantombazane abike ukuthi muva nje abe nokudideka mayelana nokuzazi ngokobulili.**


AMANTOMBAZANE AYASABELA

Ubulili besekelwe emizweni yomuntu, ezinkanukweni, noma kubulili othandana nabo



AMANTOMBAZANE
ABAFANA

Kulungile ukuthi umuntu ashintshe umzimba wakhe ukuze abe ubulili obuhlukile



Muva nje ngike ngazizwa sengathi ngingaba yimina kakhulu ukuba bengiwubulili obuhlukile



Umthelela Wezenkolo

Ezenkolo zentsha ziyinto enomthelela obonakalayo mayelana ngokombono wokuzazi ngokobulili. Intsha engamaKrestu nengamaSulumane e-Afrika ivumelana kakhulu nokuthi ubulili buya ngesitho sangasese umuntu azalwa naso. Lamaqembu aphikisana nokushintshwa kobulili, kuyilapho intsha elandela ezenkolo ezehlukile noma leyo engalandeli ezenkolo ivumelana kakhulu nokushintshwa kobulili. AmaKholwa Azinikele nawo abonakala enombono ohlukile ngobulili uma kunowalawo wamaKholwa Asontayo.

IMIBONO NGOKOBULILI NGOKWEZENKOLO

UMKRESTU ISULUMANE EZINYE IZINKOLELO



Ubulili busekelwe kubulili umuntu azalwa nabo



Akulungile ukuthi umuntu ashintshe umzimba wakhe ukuze abe ubulili obuhlukile



INTSHA ENGAMAKRESTU IYAPHENDULA

UMKRESTU OZINIKELE  UMKRESTU OSONTAYO



Ubulili busekelwe
kubulili umuntu
azalwa nabo



Akulungile ukuthi
umuntu ashintshe
umzimba wakhe ukuze
abe ubulili obuhlukile




Ukuheheka-Ngokocansi Kubulili Obufanayo

Enye intsha inenkinga mayelana nokuheheka ngokobulili. **Cishe umuntu omusha oyedwa-1 kwabawu 5 e Afrika (18%) uthi muva nje usanda kuba nenkanuko kubulili obufanayo.** Le yinkinga intsha ebhekene nayo emhlabeni jikelele, kodwa singaphansi kancane isibalo e Afrika kunesilinganiso somhlaba jikelele.


UKUHEHEKA KUBULILI OBUFANAYO NGOKWEZWE

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngibe nemizwa yobulili obufana nobami:




Enye intsha ibhekana nezinsalelo zokuheheka kubulili obufanayo kakhulu kunenye. Isibonelo, **amantombazane asemancane anamathuba aphindwe kabili okubika lokhu kunabafana abasebasha.** Intsha yakwezinye izinkolo noma engenayo inkolo eyilandelayo isemathubeni amaningi okuthi ibhekane nalokhu kunamaKrestu noma amaSulumane. Phakathi kwentsha engamaKrestu, nengamaKrestu Azinikele ayemancane amathuba okuthi ithi lokhu kuyinsalelo kuwo uma kuqhathaniswa naleyo ntsha engamaKrestu Asontayo.

Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngibe nemizwa yobulili obufana nobami:



UKUXHUMEKA OKUWU 4 MAYELANA NOKUHEHEKA KUBULILI OBUFANAYO


UKUBA NEMIZWA YOBULILI OBUFANAYO YEBO CHA



Ekugcineni, ukuheheka kubulili obufanayo kubonakala kungenye yezinto eziningi okuhlangatshezwene nayo. Intsha eningi esanda kuheheka kubulili obufanayo nayo ibika ukuthi iba nokudideka mayelana nokuzazi ngokobulili, iba nemicabango yokuzibulala, futhi iba nokhwantalala.

Imithelela mayelana Nengxoxo


Sicele intsha ukuthi isitshale lapho eya khona ngenhloso yokuthola umhlahlandlela mayelana nezihloko eziphithene zezobulili, zezocansi, nangezindaba zezocansi. Intsha ithi ibheka kakhulu ezinkundleni zokuxhumana noma kweminye imithombo ye-inthanethi, kanti ukuya kubangani nakumndeni kuthatha indawo yesibili. Mncane kakhulu umthelela wabaholi bezenkolo noma imibhalo yezenkolo. Okunye okwabonakala kwaba umehluko ngokobulili, lapho amantombazane ebonakala eya ezinkundleni zokuxhumana kakhulu kunabafana.



IMITHELELA MAYELANA NEMIBONO NGOKOBULILI

Lapho ngiya khona kakhulu ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nobulili kanye nezindaba zezocansi.

Ngiya ezinkundleni zokuxhumana noma emithonjeni ekwi inthanethi ezikhathini eziningi ukuze ngithole ulwazi ngobulili:




- 1 **IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA/I-INTHANETHI 28%**
Isilinganiso somhlaba jikelele: 36%
- 2 **ABANGANI/ONTANGA 22%**
- 3 **UMNDENI 21%**
- 4 **OTHISHA/ABELULEKI 16%**
- 5 **ABAHOLI BEZENKOLO/IMIBHALO 7%**
- 6 **IMITHOMBO YABEZINDABA ENGEKHO KWI INTHANETHI 6%**

IMITHELELA NGOKWEZENKOLO

Lapho ngiya khona kakhulu ukuze ngithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nobulili kanye nezindaba zezocansi.

■ UMKRESTU ■ ISULUMANE ■ EZINYE IZINKOLELO




AmaKrestu Azinikele anamathuba ngokuphindwe kabili kunamaKrestu Asontayo okuba aye kubefundisi bawo noma emaBhayibheli ngenhloso yokuthola umhlahlandlela, kodwa ambalwa kakhulu athi ayaya kubefundisi mayelana nalokhu.

INTSHA ENGAMAKRESTU IYAPHENDULA

Iya kubefundisi noma eBhayibhelini kaningi ukuze ithole ulwazi noma umhlahlandlela mayelana nobulili nezocansi

■ UMKRESTU OZINIKELE ■ UMKRESTU OSONTAYO




Kwabanye abantu abasha, imibuzo mayelana nobulili iphuthuma kakhulu kanti futhi baya kubantu abahlukene ngenhloso yokuthola ukugqugquzeleka empilweni yabo. **Labo ababika ukuthi baheheka kubulili obufanayo maningi amathuba okuba baye ezinkundleni zokuxhumana noma kwi inthanethi ukuze bathole ukwelulekwa** (38%) abaya kubangani (23%) noma emndenini (18%). Abaholi bezenkolo nemibhalo yezenkolo kunomthelela omncane kakhulu mayelana nalesi sihloko.

Imibono Mayelana Nomshado


Siphinde saphenya ngezinkolelo zentsha ngomshado. Lapho ibuzwa ukuthi ikholelwa ukuthi umshado kufanele ube isibopho sempilo yonke, intsha e Afrika yaphendula ngoyebo oqinile—okukhulu kakhulu kunentsha emhlabeni jikelele. Amazwe ase-Afrika ebephakathi kwamazwe amane aphezulu emhlabeni jikelele ekuhambisaneni nalo mbono.

Nakuba kunjalo, intsha yase Afrika yayingaqinisekile kangako lapho ibuzwa mayelana nokuthi ingabe umshado kumele ube phakathi kowesilisa nowesifazane kuphela yini. Intsha yaseNigeria naseKenya isahambisana ngokuqinile ngalokhu, kodwa intsha yaseNingizimu Afrika yayingavumelani kakhulu.

Ingabe umshado kumele kube yisibophezelo sempilo yomuntu yonke?



Ingabe umshado kufanele yini ube phakathi kowesilisa nowesifazane kuphela?



● YEBO ● CHA ● MHLAWUMBE


↑ ISILINGANISO EMHLABENI JIKELELE SAMAZWE AWU 20

Amantombazane anombono ohluke kancane kunwabafana kweminye yale mibuzo. Nakuba amantombazane nabafana bevumelana ngokuthi umshado kumele kube yisibophezelo sempilo yonke, **amantombazane asemathubeni amaningi kunabafana ukuthi athi umshado awudingi ukuba owabantu bobulili obehlukile.**



Umshado kufanele ube phakathi kowesilisa nowesifazane kuphela:

Impendulo ethi Yebo




Intsha yezinye izinkolelo ibonisa izimo zengqondo ezehlukene ngomshado kunamaKrestu noma amaSulumane.

Okukhuthazayo ukuthi amaKrestu Azinikele anombono ohambisana Nombhalo Ongcwele mayelana nomshado, okuwumbono ohlukile uma kuqhathaniswa namaKrestu Asontayo.

UMBONO MAYELANA NOMSHADO NGOKWEZENKOLO

■ UMKRESTU ■ ISULUMANE ■ EZINYE IZINKOLELO



INTSHA ENGAMAKRESTU IYAPHENDULA

■ UMKRESTU OZINIKELE ■ UMKRESTU OSONTAYO



/siphetho

Imibono yomuntu iyaguquguquka, kodwa okwamanje sinombono omuhle walokho intsha e Afrika ekholelwa kuyo mayelana nezihloko ezibalulekile zokuzazi ngokobulili, ezocansi, kanye nomshado. Ngaphezu kwalokho, siyazi ukuthi baya kuphi ukuze bathole umhlahlandlela ngalezi zindaba.

- **INTSHA IHLOLA UKUNGAVUMELANI MAYELANA NOKUZAZI.**

Kubaluleke kakhulu ukuqonda nokwamukela ukuzazi kwethu esikunikezwe uNkulunkulu okubandakanya ukuzazi ngokobulili. Intsha e-Afrika ibambelele enkollelweni yokuthi ubulili buyinto yangempela ebambekayo, abuyona into umuntu azikhethela yona. Kepha isizukulwane sayo emhlabeni jikelele asiqinisekile kangako ngalokhu kanti nezinye izihloko ezinjengokushintsha ubulili ziyadida. Singayisiza kanjani intsha ekubhekaneni nalezi zihloko kanye nasekutheni ibandakanye neZwi likaNkulunkulu ekudingideni kwayo ngalezi zihloko?

- **UKUHEHEKA KWABANTU KUBULILI OBUFANAYO KUYINTO EKHATHAZAYO KULESI SIZUKULWANE.**

Intsha e Afrika, kanye nasemhlabeni jikelele, iyavuma ukuthi inale mizwa futhi ingase ingaqiniseki ukuthi izobhekana kanjani nayo. Kudingeka silungele ukuzwa izindaba zabo futhi silethe iqiniso lokuthi Imibhalo Engcwele yona ithini mayelana nale ngxenye yempilo yayo enezimo eziningi nephithene.

- **INGXOXO EMAYELANA NOBULILI IYADIDA.** Intsha ihlukene phakathi ngokuthi ingaya kubani ukuze ithole umhlahlandlela mayelana nalezi zihloko. Okukhathaza kakhulu, labo ababhekene nezinkinga ezinjengokuheheka kubulili obufanayo bashiya umndeni baye kwi inthanethi ukuze bathole izeluleko. Singaqinisekisa kanjani ukuthi le ntsha yelulekwa ngobuhlakani futhi yelulekwa ngabantu abathembekile empilweni yayo ekuxoxeni ngalezi zinselelo nasekuphenduleni imibuzo yayo ngendlela ephephile?

AMANTOMBAZANE AHLANGABEZANA NEZINSELELO KAKHULU MAYELANA NALEZI ZIHLOKO KUNABAFANA.

Mncane umbono wawo osekulwe yiBhayibheli mayelana nomshado kanye nobulili uma kuqhathaniswa nowabafana futhi maningi amathuba okuba abike ngokuthi aheheka kubantu bobulili obufanayo nokuthi anokudideka ngokuzazi ngokobulili. Singakuthola kanjani lokhu ukuze seseke amantombazane ngomhlahlandlela ozokwenza ukuthi acabange ngokujulile ngalokho uNkulunkulu akushoyo ngalezi zihloko?



UKUBHEKA KU IKUSASA

UMBIKO WE AFRIKA

Imfundo

Intsha ibheke kwi kusasa layo ngokuqiniseka nangethemba. Lesi sizukulwane sase Afrika sibona imfundo njengendlela eya empumelweni futhi siyaqiniseka ukuthi sizoba namathuba emisebenzi esikhathi esizayo. Ngaphezu kwalokho, inani elikhulu kakhulu labantu abasha sebekulungele ukuzakhela awabo amathuba ngokuziqalela awabo amabhizinisi.

Iningi lentsha liyavuma ukuthi imfundo iyonanto eyisisekelo ezobaqinisekisa ngekusasa elingcono, nakuba eyaseKenya bekunethuba elincane lokuthi ivumelane nalokhu emhlabeni jikelele. Amantombazane nabafana ngokufanayo kwakungenzeka bathi bayayazisa imfundo futhi empeleni amantombazane iwona ayenamathuba amaningi okuthi athi ayafunda noma ahlela ukuya enyuvesi.

U64% WENTSHA
E-AFRIKA
UYAVUMA UKUTHI
IMFUNDO
IZOBAQINISEKISA
NGEKUSASA
ELINGCONO




Imfundo iyona nto eyisisekelo ezongiqaqinisekisa ngekusasa elingcono:



Ngizoya noma ngihlela ukuya enyuvesi

Ipendulo ethi Yebo



Iningi lihlela ukuya enyuvesi, kodwa kunentsha eyathi kukhona okuthile okungase kuyivimbele ukuya enyuvesi, izindleko yizona ezazishiwo kakhulu. Abasha ababili kwabahlanu e-Afrika basho lokhu.

Ukuqashwa kanye Nomsebenzi Ofundelwe

Intsha yase Afrika iqinisekile ukuthi izoba nethuba lomsebenzi esikhathini esizayo. Akukho mehluko okhonjiswa ubulili noma iqembu lobudala ekuphenduleni lombuzo. Kokubili intsha encane nentsha endala, kanye nabafana namantombazane babenethemba elifanayo.




Ngikholelwa ekutheni ngizoba nethuba lokuthola umsebenzi engiwufundele



Nakuba intsha ingaqinisekile kahle ngohlobo lomsebenzi ofundelwe, kodwa inombono walokho ekufunayo ekuqashweni kwayo esikhathini esizayo. Cishe ingxenye yentsha e-Afrika ithi into ebaluleke kakhulu wukujabulela ukwenza umsebenzi ezobe iqashelwe wona. Ukusiza abanye futhi kwakuyimpendulo ethandwayo, abanye abasha abambalwa bathi okubalulekile kubo ukwazi ukuthi umsebenzi uzobaholela malini. Amantombazane ayesemathubeni amaningi kunabafana ekutheni ukujabulela ukwenza umsebenzi wawo kuzoba yinto ehamba phambili.

OKUPHEZULU OHLWINI MAYELANA NOMSEBENZI OFUNDELWE



Ezamabhizinisi


Intsha e-Afrika ingenye esizukulwaneni sayo emhlabeni jikelele enesifiso esinamandla sokuba osomabhizinisi. Intsha yaseNigeria neyaseKenya ihamba phambili emhlabeni jikelele ekukhombiseni intshisekelo yayo yokuba ngosomabhizinisi. Cishe yonke intsha ephendule inhlolovo kulawa mazwe amabili ithi ingathanda ukuziqalela ibhizinisi noma ukuba nenkampani yayo esikhathini esizayo. Abe mancane amathuba okuthi intsha yaseNingizimu Afrika ikusho lokhu, kodwa isibalo sayo sokuba nentshisekelo sibe ngaphezulu kwesilinganiso somhlaba jikelele.

Ube khona umehluko obonakalayo ngokuya ngokweminyaka yobudala lapho intsha endala ikhombise khona intshisekelo enkulu yokuba ngosomabhizinisi ukudlula enye intsha ngokwehlukana ngokweminyaka yobudala. Abafana bona bakhombise intshisekelo ethe xaxa kancane ngaphezu kwaleyo ekhonjiswe ngamantombazane, noma kunjalo, amantombazane awu 9 kwawu 10 anentshisekelo yokuziqalela amabhizinisi noma abe nezinkampani zawo esikhathini esizayo.


U-92%
WENTSHA
E-AFRIKA
UNGATHANDA
UKUZIQALELA
IBHIZINISI
NOMA UKUBA
NENKAMPANI
YAYO
ESIKHATHINI
ESIZAYO



Ngingathanda ukuqala ibhizinisi noma ukuba nenkampani yami esikhathini esizayo



UMQONDO WEZAMABHIZINISI NGOKWEMINYAKA



Mayelana ne OneHope

Ngokubambisana namabandla endawo, izinkonzo zevangeli, kanye nohulumeni emhlabeni jikelele, i-OneHope isifinyelele ezinganeni nentsha engaphezulu kwezigidigidi ezingu-1.7 ngeZwi likaNkulunkulu. Ngokusekelwe ocwaningweni lwangaphakathi lwezwe olwenziwa yi-OneHope, izinhlelo zeMibhalo Engcwele zenzelwe ukuthi zihambisane neminyaka yobudala namasiko. Kusakela ngonyaka ka-1987, i-OneHope isize izingane ukuba zithole Indaba KaNkulunkulu, yabelana nezingane kanye nentsha kuwo wonke amazwe ngomlayezo wethemba oshintsha impilo. onehope.net

Indlela Yokwenza

Lolu cwaningo lwenze inhlolovo yentsha eyi-1,275 eKenya, eNigeria naseNingizimu Afrika. Inhlolovo yasatshalaliswa ngephaneli ye-inthanethi kubantu abasha abaneminyaka ewu13 kuya kwewu 19 abakwaziyo ukufinyelela kwi inthanethi ngaso sonke isikhathi. Yazi ukuthi le miphumela ayimele umbono wayo yonke intsha e-Afrika, kodwa imele kuphela leyo exhumeke ngokwedijithali kulawa mazwe amathathu.

Imininingwane yaqoqwa kusukela ngomhla ka 24 ku Nhlolanja kuya kumhlaka ka 27 kuNdasa, ngo2020, ngaphambi kwemithelela yobhubhane lwe-coronavirus. Ngenxa yalokhu, sikholelwa ekutheni lolu cwaningo lukhombisa ngendlela eyiyona izinkolelo nokuziphatha kwentsha njengesisekelo ngaphambi kokuba le ngqophamlando yobhubhane iphazamise ukuqhubeka kwempilo ngokuvamile njengoba siyazi. Nemininingwane nayo yaqoqwa ngaphambi kokuba izikole zivalwe kufundelwe emakhaya ngenxa yalolu bhubhane. Yize kungashiwongo ukuthi ntsha ingasifaki isikhathi sokwenza umsebenzi wesikole kwi inthanethi esilinganisweni sesikhathi sesisonke esichitha kwi inthanethi nsuku zonke, kungenzeka ukuthi iningi lale ntsha belimatasa nezifundo zayo ngesikhathi liphendula inhlolovo yalolu cwaningo.

Ithuluzi locwaningo belinemibuzo ewu 72 futhi lasatshalaliswa nge Centiment Research. Njengendlela yokuqinisekisa izinga elihle, abaphendulayo bebekhishwa uma kubonakala ukuthi babengayifundisi kahle imibuzo yenhlolovo obekwenza ukuthi baphendule ngendlela ekungeyona.

IZWE

UBUNGAKO BESAMPULA

UKUQOQWA KWEMININ- INGWANE

Kenya	435	25 kuNhlolanja - 27 kuNdasa, 2020
Nigeria	420	24 kuNhlolanja - 20 kuNdasa, 2020
Ningizimu Afrika	420	24 kuNhlolanja - 7 kuNdasa, 2020

UMKRESTU

Intsha eyazibiza ngokuthi ingamaKrestu, kodwa ayibona oFakazi bakaJehova noma ama Mormon.

UMKRESTU OZINIKELE

Intsha eyazibiza ngokuthi ingamaKrestu, kodwa ayibona oFakazi bakaJehova noma ama Mormon, kanye nehlengabezana nalezi zimo ezilandelayo:

- Ikholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona futhi ingaba nobudlelwane Naye siqu.
- Ikholelwa ekutheni uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu.
- Ikholelwa ekutheni ukuthethelelwa kwezono kungenzeka kuphela ngokukholelwa kuJesu Krestu.
- Ikholelwa ekutheni iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu.
- Bazifundela uMbhalo Ongcwele okungenani masonto onke.
- Ithandaza okungenani masonto onke.

Yazi ukuthi intsha engamaKrestu Azinikele ingaba amaKhatholika, amaSeventh Day Adventist, ama-Orthodox, noma nanoma yiliphi elinye isonto lobuKrestu.

UMKRESTU OSONTAYO

Intsha eyazibiza ngokuthi ingamaKrestu, kodwa ayibona oFakazi bakaJehova noma amaMormon, futhi engazange ihlangabezane nemibandela yezinkolelo eziyingqikithi noma imikhuba emiselwe amaKrestu Azinikele

EZINYE IZINKOLELO

Intsha eyazibiza ngokuthi ingumBuddha, umHindu, umJuda, umSulumane, enye inkolo noma abathi abanayo inkolo, isibonelo abangakholelwa kuNkulunkulu, abahedeni, noma ayikho kulokhu okungenhla.

Copyright © 2021 by OneHope, Inc.

Isiphakamiso sokucaphuna:
OneHope. (uMasingana 2021). *Global Youth Culture, Africa Report*.
www.globalyouthculture.net



GLOBAL YOUTH CULTURE